# UNkulunkulu Unendlela Ehlinzekiwe

Asibe silokhu simile umzuzwana nje manje, ngaphambi kokuba sikhuleke. Ngabe ukhona onesicelo esikhethekile, kulobubusuku, ukuthi ungathanda ukuba uNkulunkulu akuphendulele na? Vele uphakamise isandla sakho. Manje, enhliziyweni yakho cabanga ngalokho okucelayo. Kulungile. Futhi nazi izicelo ezimbili lapha. Manje, asikhothamise amakhanda ethu.

2 Baba wethu waseZulwini, sisondela esiHlalweni saKho sobukhosi somusa. Hhayi nangayiphi indlela ebesiyozama ukuza nganoma iyiphi enye indlela, ngoba kungumusa esiwudingayo, Nkosi. Besingeke sime esiHlalweni sobukhosi sokwahlulela, uJesu wasimela lapho. Futhi manje simi esiHlalweni sobukhosi somusa waKhe nalesisithembiso esibusisiwe ukuthi uma sicela noma yini eGameni laKhe, siyakunikwa yona. Singabantu abanenhlanhla enkulu, kulobubusuku, ukuba nalesisithembiso.

3 Futhi, Baba, Uzibonile izandla, futhi ngineqiniso Uyazi ukuthi yini ebingaphansi kwazo, isifiso senhliziyo. Phendula, Nkosi, ngokwengcebo yakho eNkazimulweni.

4 Ngikhulekela umhlangano, isoni, ongakholwayo, ongamesabi uNkulunkulu; sikhulekela abagulayo nabahluphekileyo, kokubili lapha nasezindaweni zonke; kubazalwane abakhonzisayo ezweni lonke, obambe amasiko ayigugu eNkosi uJesu neZwi laYo. Siphe ukuthululwa okukhulu koMoya waKhe, kulobubusuku, Nkosi, phezu kwethu, ukuze kuthi lapho sesihamba, sikwazi ukusho, njengalabo abavela e-Emawuse ngalobobusuku, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhulumisana nathi endleleni na?” Sikucela lokhu eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

Ningahlala phansi.

5 Kuhle ukuba lapha futhi kulobubusuku, emizuzwini embalwa edlule ngibe nenhlanhla yokuxhawulana nabangane bakudala, abefundisi ebengibazi ezikhathini emuva, uMfowethu Andrew Rasmussen, ungomunye, nomunye kwakunguMfowethu Toms lapha, nabafowethu engihlangane nabo emihlanganweni eyahlukene. Ngijabula kakhulu ukuba nabo phakathi lapha kulobubusuku kanye nathi ekukhulekeleni umhlangano. Sibe nesikhathi esihle kakhulu izolo kusihlwa embuthanweni wethu omncane ndawonye.

6 Futhi njengoba ngisho futhi, ngifuna ukuxolisa kubazalwane bethu abakhonzisayo abakuleyongqungquthela

lapha. Bengingaqondile ukungena lapha ngenkathi beninengqungquthela, kodwa bengidlula ngapha nje, noMfowethu Eddie wathi, "Awu, simane sime ubusuku obubodwa noma obubili emgwaqeni ophumayo." Ngethemba ukuthi ngolunye usuku, ngokubambisana okukhulu phakathi kwabo bonke abefundisi kuso sonke isiqhingi lapha, singahle sibe nomhlangano omkhulu ndawana thize.

7 Ngeza noMfowethu Eddie ngabangani bakhe abangamaNdiya. Futhi saba nesikhathi esihle kuze kufike kuleyoPort Alberni, ngikholwa ukuthi ibizwa kanjalo, kanye nabangane bethu abangamaNdiya, kanti futhi nabangane bethu abamhlophe. Sibe nesikhathi esihle kakhulu phezulu lapho, futhi siyethemba ukuthi sizobuya maduze ukuze sikubone konke futhi.

8 Lona umhlangano wami weshumi nanye olandelanayo, futhi ngikhathele ngempela. Futhi ngifanele ngihambe kusasa manje, ngemva kwenkonzo, ukwehlela e. . .ngifanele ngiye e. . .ngehlele ezansi eTucson, e-Arizona, futhi ngisuke lapho ngiye, mhlawumbe, ngiye ePhoenix. Ngifanele ngenyuke-ke ngoMgwaqo omkhulu wase-Alaska okokuphumula kancane. Ngenyuka nomngane, uMfowethu Eddie, lapha, kanye nabo. Ngifanele, ngibuyele phezulu lapho cishe ekuqaleni kuka-Agasti, futhi ngihambe ngempela. Bese-ke ngibuya futhi ngiya phesheya kwezilwandle, ngale e—eTanganyika, nase-Uganda, futhi—futhi ngehlele eNingizimu Afrika; futhi, o, nje ngenze uhambo lomhlaba ngizungeze, ngizama ukubuya futhi ngentwasahlobo ezayo, uma iNkosi ithanda, futhi Ifuna ngiqhubeke nokuzama ekuvangeleni ukuba. . .ngenxa yenkazimulo yaYo.

9 Ngiye, ngizithembisile, ukuqala itende elihle, elikhulu, elisha, amaloli, izinqola, nakho konke kukhokheliwe. Angizange ngisho, thathe iminikelo ngakho. Akumangalisi lokho na? Ngakho thina, sithemba ukuthi lokho, uma leyo kuyintando yaKhe yobuNkulunkulu (Sihlala sifuna intando yaKhe.), khona-ke ngihlose ukwenza lokho engikuthembisile njalo: ukumisa itende emphakathini lapho kungekho zimvuselelo, nawo wonke umuntu—futhi wonke umuntu ebambisana; futhi sibe nomhlangano wasekuseni nje wabazalwane abangabefundisi, sikhuluma nabo; umhlangano wantambama wokufundisa ngokuphulukiswa kwabagulayo; bese kuba yinkonzo yasebusuku, inkonzo yokuvangela; bese-ke bededelwa njalo ngeSonto ntambama, kanjalonjalo, lapho amanye amabandla enemihlangano, ukuthi ngeke siphazamise imihlangano evamile yomphakathi.

10 Futhi besihlala njalo sifuna ukwenza lokho. Bese-ke sihlale isikhashana, nje, abantu abawutholi umqondo wokuthi baphulukiswa kanjani, abakuqondi, futhi okokuqala nje ekutheni, bese kuthi-ke uma sikufundisa, futhi singene kukho

ezifundweni nokunye nokunye, ngineqiniso kungasisiza sonke. Ngiyazi bekungangisiza, nami, njalo, ukuthola ukukhuluma ngeNkosi. Futhi ngakho mina . . .

11 UMfowethu Toms, lapha kulobubusuku, ngineqiniso ukuthi wethuliwe, futhi wonke umuntu uyamazi ukuzungeza iSaskatchewan, wayengomunye wabaxhasi bami bokuqala ngenkathi ngifika eSaskatchewan cishe iminyaka eyishumi nane, ishumi nanhlanu, edlule, ngiqagele. He, abazalwane lapho, futhi . . .

12 Ngikhuluma ngemike engalungile. Kwenzenjani na? Ibandla elilungile, kodwa isihlalo zikanokusho ezingalungile, akunjalo lokho na? Kulungile. Futhi ngakho ngiyambona u—useyibeke ngale kwedeski. Ngokuvamile ngizwa umsindo omkhudlwanyanyana, niyazi, futhi ngakho mina . . . Ngigcine ekuvaleleni abantu kulendlu, ngani, ngiqagele uyibeke laphaya. Kulungile, sizoyilahla lena futhi sithathe lena siqhubeke nalena.

Manje, bangaki abaMthanda ngenhliziyo yenu yonke na? O, lokho kuhle nje, kuhle nje.

13 Manje, kusasa ntambama, ngakho ngeke iphazamise izinkonzo noma yikuphi . . . Manje, angazi ukuthi umhlangano wokukhempa ukuphi, ngisanda kukufunda ngaphambi nje kokuza lapha, ukuthi umhlangano wekamu ubuqhubeka. Futhi ngakho, sizoba nezinkonzo kusasa ntambama cishe ngelesibili noma ngelesithathu nqo. Ngicabanga ukuthi sebekumemezele.

14 Na—nani ongekho emhlanganweni wokukhempa, kuwukucosha nje labo abagulayo nabahluphekile futhi abakwazanga ukufika emhlanganweni wokukhempa. Yingalesosizathu sinikela ekukhulekeleni abagulayo. Futhi manje, khona-ke kusasa ntambama inkonzo ikhona lapha. INkosi ibe nani futhi inibusise.

15 Manje, ngifuna ukufunda umBhalo otholakala ngale encwadini kaGenesise nevesi lama 22 kanye ne, isahluko sama 22, njalo, nevesi le 8:

> *U-Abrahama wathi, Ndodana yami, uNkulunkulu uyakuzilungisela iwundlu lomnikelo wokushiswa:* futhi *bahamba bobabili kanyekanye.*

Futhi manje ngale eNcwadini kaJohane oNgcwele isahluko se 12 nevesi lama 32, uJesu ekhuluma:

> *Futhi mina, uma ngiphakanyiswa emhlabeni, ngiyakubadonsela kimi bonke.*

16 Futhi manje, ukuze singabi kade enkonzweni kulobubusuku, A—anginandaba, nginigcine ubusuku beviki, ngoba ebusukwini beviki, uphuthelwa umsebenzi wosuku, anginandaba nalokho, kodwa ningawugeji uSonto sikole, noma yini oyenzayo, hamba uye kuSonto sikole. Abanye benu bayavakasha, ngani, laba belusi lapha bazojabula ukuba nani emabandleni abo akhona

lapha. Bavakasheleni ekuseni, bazonisiza ukuthi nize nibezwe bekhuluma, futhi nijwayelane omunye nomunye, ngoba sine—iPhakade ukuhlala ndawonye, futhi ngakho ake sijwayelane manje.

17 Futhi ngakho khumbulani manje, bengihlala ngithi, "Kuyisono ukuthumela abantwana bakho kuSonto sikole." Wonke umuntu uyakwazi lokho. Ungalokothi, noma yini oyenzayo, ungalokothi uthumele abantwana bakho kuSonto sikole. Akulungile, bathathe. Kunjalo. Bathathe njalo. Ungabathumeli nje, nawe hamba wenze isibonelo. Ubayisa kuSonto sikole, hamba kanye nabo. Kodwa, ungabathumeli nje, lokho akulungile, ukubathatha kulungile, ngoba ulapho kanye nabo.

18 Futhi manje, kusasa ntambama sizozama, uma uNkulunkulu ethanda, ukukhulekela abagulayo nabahluphekileyo, abaningi esingakwazi, noma iqembu, ngaphandle uma liba likhulu kakhulu, inqobo nje uma kuyiqembu elincane kanje, ngani, singakwenza kalula lokho. Ngakho, uma unabantu bakho abagulayo, futhi ufuna ukubakhiphela umkhuleko kusasa ntambama, sizokujabulela ukubakhulekela.

Manje, ngifuna nina, nimeme abazalwane abangabelusi benu, futhi, ukuphuma futhi basivakashele kusasa ngemva kukaSonto sikole, uma kungenzeka akwazi.

19 Manje ngifuna ukudweba kulokhu kufundwa komBhalo kuGenesise isahluko sama 22, ivesi le 8: "UNkulunkulu uzoZihlinzekela umhlatshelo." Bese kuthi-ke kuJohane oNgcwele 12:32, lapho enginamanothi ami khona nokunye nokunye, nemiBhalo yami ibhaliwe ebengifuna ukukhuluma ngayo: "Mina, uma ngiphakanyiswa emhlabeni, ngiyodonsela bonke abantu kimi." Ngifuna ukuthatha indikimba kulokho, *UNkulunkulu Unendlela Ehlinzekiwe*.

20 Manje, niyazi, ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi ikhona indlela ehlinzekiwe. Niyabo, zi—zimbili kuphela izindlela zanoma yini: leyo yindlela elungile nendlela engalungile; futhi leyo yindlela yakho kanye nendlela kaNkulunkulu. Awukwazi ukuba nendlela yakho futhi ube sendleleni kaNkulunkulu; futhi awukwazi ukuba sendleleni kaNkulunkulu futhi ube nendlela engeyakho. Niyabo? Ngakho, ingenye noma enye: kuphakathi kokuthi indlela yakho noma indlela kaNkulunkulu; yimicabango yakho noma iZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Ufanele wamukele eyodwa. Awukwazi ukuthatha ukucabanga okungokwakho. Ngakho, umuntu wazalwa eyisehluleki, futhi ubelokhu eyisehluleki. Ngakho-ke, kungani uzama ukuncika phezu kokwakho ukuqonda na? Kungani ungathathi indlela kaNkulunkulu yakho na? ngoba Uhlala ekukhipha kahle.

21 Futhi manje, lapho Ehlinzeka indlela futhi abantu bengahambi ngaleyondlela, khona-ke akusilo iphutha

likaNkulunkulu. Isibonelo, idolobha lapha, bethumela umlayezo ngokusebenzisa izingalo, amarobhothi, futhi idolobha linikeze labo abasezimpambanweni eziyingozi. Awu, uma lelo lambu elibomvu likhanya futhi lithi, "Ungahambi manje," futhi uyagijima udlule kulelo lambu elibomvu, niyabo, awuzanga ngendlela ehlinzekiwe, futhi uthola ukuphahlazeka, ungasoli idolobha, babenesexwayiso lapho, ungayisoli indoda ekushayile, uzenzele wena. Niyabo? Futhi bheka, lowo nguwe usebenzisa indlela yakho, noma indlela ehlinzekiwe.

22 Isibonelo nje, lapho siqala ekhaya kusasa, awu manje, bekungaba njani uma bengithi, "Ake ngibone ukuthi ngihlala kuyiphi indlela manje, ngihlala okuthize empumalanga, naseningizimu, nokunye nokunye, Ngizothatha ngiqonde ngaleyo ndlela, ngenze indlela enqamulelayo, ngoba kufanele ngiphuthume ekhaya, kulungile, ngizohamba ngiqonde ngqo ngaleyo ndlela"? O, bengizozithola ngilapha ePuget Sound ndawana thize, ngicwile phansi olwandlekazi, noma ngingazithola sengisensimini enodaka. Angikwazi ukwenza lokho. Uma ngikwenza, ngi, a—angisoze ngafika ndawo.

23 Awu, ukuphela kwendlela engingayenza, ukuthola imephu yomgwaqo, futhi kukhona i . . . imigwaqo emikhulu ilungiselelwe ukuba ngihambe; uma nje ngizothatha imephu yomgwaqo, futhi ngilandele imephu yomgwaqo, ngizo—ngizofika lapho. Niyabo? Vele ulandele omaka, ngibophezelekile ukufika lapho. Kungahle kungithathe kabi ekucabangeni kwami, kodwa umgwaqo usuvele uhlinzekiwe. Futhi manje, ukucabanga kwami, uma kuphambene nendlela umgwaqo ohlinzekwe ngayo, khona-ke mangingacabangi ukucabanga kwami, ngivumele ngihambe ngendlela izimpawu ezikhomba ngayo, futhi ngizofika lapho.

24 Injalo indlela yethu eya eZulwini, sinemicabango engeyethu, kodwa uma sisebenzisa lokho, sizozithola sinephutha ngokuphelele, siphahlazekile ndawana thize, kodwa uma sizothatha indlela uNkulunkulu asiphawulele yona, sizofika lapho impela nje njenganoma yini, ngoba uNkulunkulu unendlela.

25 Manje, ake sibuyele emuva kwenye yendlela kaNkulunkulu ngendlela elula abantu abangayazi. Wake waqaphela inkukhu encane izama ukufika kulo mhlaba na? Yenzani na? Ngaphakathi kulelogobolondo ima lapho futhi ishaya lelogobolondo ize izikhulule. Kuyini na? Indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe. Yayinomlomo, ngaphambi kokuba ize ikwazi ukulunguza egobolondweni, yayinomlomo, ngoba uNkulunkulu wayihlinzeka ngomlomo, ukuba usebenze ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Niyabo?

26 O, UnguBaba othandekayo, niyabo, Wenza yonke into kahle nje. Okokuqala, Wadingeka ukuba akhuliswe umlomo enyonini, ethendeleni, elizalwa ngaphakathi kweqanda; Ufanele amenzele

indlela ukuze alandele indlela ehlinzekiwe ukuze aphume. Niyabona ukuthi uNkulunkulu wenza kanjani na? Wenza indlela ehlinzekiwe, futhi into kuphela okufanele siyenze, ukulandela imiyalelo yaKhe, futhi siphuma ngokuyikho impela nje, njalo, ngaso sonke isikhathi. Yebo, mnumzane. Ishaya indlela yayo yokuphuma, ngoba iza ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu.

27 Bengihlale ngizibuza, ngenkathi ngenyukela lapha ekwindla yonyaka ohambweni lokuzingela, futhi ngiyakwazisa, ngikhuphukela ezintabeni eziphakeme lapha futhi ngibuka amadada, cishe nje isikhathi sokuthutha andize ndawonye, namahansi. Manje, avela eningizimu, enyukela lapha futhi angene kulawa maxhaphozi, inkucunkucu, amaxhaphozi, futhi azenzele isidleke, azalele amaqanda azo, futhi achamusele abancinyane bawo. Awu, lawomadada amancane, akhuliswa kulesosiziba, noma ichibi, futhi awazi lutho olunye kuphela lelochibi, lazalelwa khona lapho entwasahlobo edlule, lahlala khona ihlobo lonke, linokuziphilisa kwalo, futhi *ngandlela thize enye*, lapho i, ekupheleni kuka-Agasti noma uSeptemba, lapho kufika iqhwa ezintabeni, futhi lowomoya obandayo wasemanzini ushaya phansi unqamule lelozwe lasemathafeni lapho, lapho lelodada elincane likhona, liyazi ukuthi kukhona into elungiselela ukwenzeka.

28 Manje, lenzani na? Onke aqala ukuhlangana ndawonye, futhi ngaphandle phakathi nalelochibi kuzophuma iqhude ledada elincane elazalwa ngaleyo ntwasahlono echibini, uzophumela maphakathi ngqo nalesosiziba, ashayele phezulu lolo phondo oluncane, bese ethi, "Hong, hong. Hong, hong," futhi wonke amadada echibini azoza kulo ngqo. Niyabo?

29 Manje, uNkulunkulu uhlinzeke ngomuzwa wokuzizwela, umuzwa wokuzizwela edadeni wokulitshela ukuthi leyonto izoba yiqhwa, futhi lizofela lapho. Ngakho, angeke lihlale lapha, futhi alikaze libe kwenye indawo ngaphandle kwalapha, kodwa uNkulunkulu unenye indawo yalo elingaya kuyo. Ngakho lona. . . Uma linenye indawo ehlinzekiwe ezansi eLouisiana naseTexas emasimini erayisi, emva kokudla wonke ama-othi avela kuwe onke abengaba nalo, khona-ke lehlela manje emasimini erayisi ukuya—ukuyohlala kwawaseTexas, na—nasezansi lapho. Awu, manje, lizalelwe lapha kulelichibi, alazi lutho ngakho, kodwa linomuzwa wokuzizwela eliwunikwe nguNkulunkulu, Indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe elitshela ukuthi inkathazo iseduze, futhi liqala ukuzwa umoya.

30 Futhi hhayi kuphela. . . Uma efanele athuthe andize ndawonye, elinye lizohamba ngalendlela futhi elinye lizohamba ngaleyo ndlela, uNkulunkulu wawahlinzeka ngomholi. Kuyihlazo ukuthi umuntu akanawo, ngoMoya wabo oNgcwele, babe nobuhlakani njengoba idada linaso ngomuzwa wokuzizwela. Angikwazi nje ukusho. . . Kusobala, idada liyakholelwa kwawalo kaNkulunkulu-. . . ukuhlinzekwa,

kodwa umuntu akakwenzi. Niyabo? Sizama ukuthatha ukuzuza ngempumelelo okwenziwe ngumuntu ukuze sibaleke enkathazweni, lapho uNkulunkulu esinika uMoya oNgcwele ukuba sisuke enkathazweni. Niyabo? Kunjalo. Futhi manje, uma sizwa inkathazo emoyeni, yinye kuphela into okufanele yenziwe, lokho ngukulalela uMholi. NoMoya oNgcwele unguMholi, Wathunyelwa ukuhola iBandla.

31 Futhi manje, khumbula, lelidada elincane alikaze lisuke kulelochibi, kodwa wonke amadada echibini ayazi ukuthi lingumholi. Futhi ngenkathi lowomfo omncane, ngokunye ukusa lowo muzwa wokuzozwela uvuka kuye ngendlela yokuthi akhiphe okunye ukumemeza, lishiya ichibi, lithi, "salani-kahle," futhi lonke idada liyalilandela. Liphezulu emoyeni, alazi ukuthi lizokwenyuka ngayiphi indlela lapho, kodwa uhlobo oluthile lwendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, libhekisa lobobuso obuncane bubheke ngaseLouisiana, futhi lisho lihambe, futhi lifinyelela lapho. Kungani na? Lethembela endleleni ehlinzekwe nguNkulunkulu ngalo, yingakho likwazi ukukwenza, lethembele endleleni ehlinzekwe nguNkulunkulu. Qaphelani, ukuthi kuhle kangakanani.

32 Buka lawomahansi, ukuthi akhuphuka kanjani lapho futhi athuthe andize ndawonye. Ngiyathanda nje ukuwezwa ekwindla yonyaka. Adlula phezu kwe-Indiana nje ememeza lapho engahamba, umholi oyedwa omdala ngaphandle ngqo lapho ngaphambili, ngalelokhala liqonde ngqo libheke ngaseLouisiana, futhi nanto lisuka, lingakaze libe lapho ngaphambilini, alazi ukuthi yini esezansi lapho.

33 Njengabantwana bakwa-Israyeli beholwa ngaleyoNsika yoMlilo, basukuma baphuma eGibhithe, babengakaze baphume ngaleyondlela ngaphambilini, kodwa bahamba baqonda ngqo nje ezweni lesethembiso, ngoba babelandela iNsika yoMlilo, uMholi ohlinzekwe nguNkulunkulu. Bahlala ngqo endleleni ehlinzekwe nguNkulunkulu.

34 O, kubi kakhulu ukuthi thina bantu sikugeja kakhulu kangakanani, ngoba asazi ukuthi Ungubani uMholi wethu. Yilokho kuphela, sizama ukuthatha umcabango othile ongowethu, sihlale sixova ndawana thize futhi sibhidlize.

35 Manje, amadada namahansi aya eningizimu, futhi anomholi ohlinzekiwe. UNkulunkulu, uma Ezokuthumela noma yikuphi phezu komzila, kukuNkulunkulu ukuthi akuhlinzeke ngoMholi ozohola indlela. Njalo. Yebo, mnumzane. UNkulunkulu uyakuhlinzeka. Uma nje uzoqaphela imvelo, lelo kwakuyiBhayibheli lami lokuqala, ngibheka imvelo, uma uzoyiqaphela, awusoze wageja uNkulunkulu uma ukwazi ukubheka imvelo.

36 Ngibe nenhlanhla yokuhamba umhlaba wonke, nasemathempelini kaBuda, no—no-Mohamede, namaJain,

namaSikh, nokunye, kodwa ngamunye wabo unokwazi izimfihlo zokudabuka kwezinto, kodwa kusekelwe phezu kwesandulela, futhi o, angazi ukuthi konke ningakubiza ngani, ukuvuka usungenye into, nazo zonke izinhlobo zezinto, kodwa ubuKristu busekelwe phezu kokumbelwa nokuvuka, lowo ngumgomo.

37 Manje, ukuvuka akusikho ukubeka esikhundleni, ukuvuka ukwenyusa okufanayo okwehlileyo. Manje, uma lesi siqephu sephepha siwa, futhi sehlela phansi, manje, uma nje ngithatha lesi siqephu sephepha futhi ngisibeke endaweni yaleso, lokho akusikho ukuvuka, lokho ukubeka esikhundleni, kodwa ukuvuka kungukuthi, ukhuphule leli elifanayo eliye phansi, lokho ukuvuka.

38 Manje, lapho noma yini ifeza inhloso kaNkulunkulu, kufanele kuhlale endleleni ehlinzekwe nguNkulunkulu. Ake sithathe lezizimbali, zabekwa lapha ukufeza inhloso kaNkulunkulu. Manje, uzinqamula *kanjalo*, ucabanga ukuthi isiphetho sazo, akunjalo. UNkulunkulu unakekela izimbali zaKhe. Uma uzoqaphela, imbali enhle, kanjani . . . Ngiyaniqaphela nina bantu baseCanada lapha, ukuthi ninazo kanjani lezi zingadi ezinhle nezindawo ezinkulu, ezinhle zezimbali.

39 Manje, emva kwesikhashana, zizoba izimbali ezincane, izimbali ezindala, izimbali ezineminyaka emaphakathi, kodwa kuyofika isithwathwa ezweni ngobunye ubusuku, ukufa. Futhi siyoshaya leyombali, kungakhathaleki ukuthi iyini iminyaka; ukufa akukhethi budala, umuntu, noma ikhono, ukufa kushaya konke. Kwenzakalani na? Umfo omncane udela ukuphila kwakhe. Kwenzekani-ke na? Amacembe aqala ukuwa kuwo ngakusasa ekuseni, kuyahamba. Lapho kuqathaka imbewu encane, iwela phansi emhlabathini, bese kulandela udwendwe lomngcwabo. Ungahle ungakukholwa, kodwa uNkulunkulu unodwendwe lomngcwabo lwezimbali zaKhe. Benikwazi lokho na? Manje qaphelani, emva kokushaya kwesithwathwa, khona-ke kuza izimvula zasekwindla, uNkulunkulu uthumela amafu, futhi akhale amathonsi amakhulu amanzi ehle, futhi agqibe leyombewu encane.

40 Niyabo, sizama ukukwenza kuxake kakhulu. Yilokho okuyindaba namhlanje, indlela ibandla ebelihlale liphuma ngayo endleleni ecakiwe, bazamile ukuba, baMenza waxaka kakhulu, njengoba befanele bafundiswe kukho; awufundiswanga kuKristu, uzelwe kuKristu ngoMoya . . .? . . .

41 Manje, uNkulunkulu uthuma abakhala izinyembezi nabalilayo, okungamanzi, futhi ehlela phansi njengezinyembezi ezinkulu futhi agqibe leyombewu encane. Aya phansi ngaphansi komhlabathi, njengoba eyicindezela phansi, futhi khona-ke kulandela isiphepho seqhwa sasebusika, sishanela izwe lonke. Iqabunga elincane selihambile, amaqabunga ayawohloka,

uhlanga seluhambile, impande seyomile, nembewu encane iba yiqhwa futhi iqhume ivuleke, intibintibi iphuma kuyo; imbali encane empofu, ibukeka njengokuphela kwayo. O, qhabo, akukhona ukuphela kwayo, lapho lelolanga elifudumele liqala ukubuya futhi, umhlaba uzihambela endaweni yelanga, kukhona imbewana yokuphila ndawana thize kulokho kungcola okungekho sayense engakaze ikwazi ukuyithola, leyombali iyaphila futhi. Ngani na? Yafeza injongo kaNkulunkulu ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, futhi Wenza indlela yayo yokuba iphinde iphile.

42 Futhi uma Enze indlela yokuba imbali iphile futhi efeze injongo yaKhe, kangakanani Wenze indlela yokuba owesilisa noma owesifazane aphinde aphile ofeza injongo yaKhe, ohamba ngendlela yaKhe ehlinzekiwe. Kulula kakhulu, ukukubuka nje.

43 Bukani izihlahla, ukuthi amaqabunga aphuma kanjani lapho futhi alenge. Kamuva nje, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, ngilahlekelwe umama wami futhi, umama wami owesaba uNkulunkulu, omdala, futhi wayelele embhedeni, ehamba, futhi ngi—bengikade ngikhuphukele eCanada, phezulu lapha e—eBritish Columbia, futhi ngangibuyela emuva. Umama wayegula ngase ngiyombona, bamkhiphela esibhedlela, wathi, “Billy, lesi isiphetho, Ndodana.”

Ngathi, “O, Mama, he, akusona isiphetho leso.”

Wathi, “Yebo, yiso.”

44 Ngangingeke ngikuyeke, ngaqhubeka ngikhuleka, futhi wayeba mubi kakhulu ngaso sonke isikhathi, UNkulunkulu akakhulumanga lutho kimi, ngama lapho. Izikhathi eziningi ngenze ukuphawula epulpiti, nina bantu enaziyo, izikhathi eziningi ngike ngathi, “Uma umama wami uqobo ubelele lapha efa, bengingamtshela kanjani into eyodwa ngaphandle kokuthi uNkulunkulu angitshele kuqala na? Ngingasho kuphela njengoba uNkulunkulu ethi yisho.” Lapho leyonto iyenzeka, mina ngikhulekela umama wami.

45 Udadewethu owayeqala ukwemula uMoya oNgcwele, futhi yena, okuwukuphela kwentombazane, o, kwamkhathaza. Ngangiphandle lapho ngolunye usuku futhi, ukumbona, noDadewethu wayelapho, futhi uMama waphakamisa amehlo kithi, wathi, “Eyami yokuqala neyokugcina.” Lokho bekuwukuthi, ngangingomdala kunabo bonke, uDelores wayengomncane kunabo bonke; kwakukhona abafana abayisishiyagalolunye nentombazane eyodwa, futhi intombazane yayingowokugcina.

46 Futhi ngakho, uMama wathi, “Billy,” wathi, “nguwe owabona ukuthi angidinganga lutho oludliwayo, wangithengela izingubo zami wangondla emva kokuba uBabayi esehambile.” Futhi wathi, “Delores, ube nomoya omuhle kimi, uze kimi, futhi

wangisiza ukuba ngenze iwashingi yami, futhi ngihlanze indlu yami, nezinto lapho ngingazizwa kahle."

Futhi mina noDelores sabukana, futhi sathi, "O, Mama, lokho kulungile."

Futhi ngathi, "Abanye babo bakuphule inhliziyo, Mama, abanye babafana baphuzile, futhi kwaphula inhliziyo yakho."

47 Wathi, "Billy, konke kuhamba ukwakha impilo yomuntu." Lowomama wayengenakukhohlwa, noma ngabe babenzeni, ngokufanayo nje. Ngakho, wathi, "Futhi, Billy, into eyodwa futhi," wathi, "nguwe owangiholela kuKristu, Osho konke kukho konke kimi manje."

48 Futhi ngathi, "Mama, ngaya ebandleni, futhi ibandla lasho ukuthi uNkulunkulu wayesebandleni laKhe, kwasho umpristi." Futhi ngathi, "Ngabe-ke sengi—ngaqonda ukuthi uNkulunkulu wayeseZwini laKhe, futhi ngiye ngahlala neZwi, Ngizamile ukunifundisa iZwi."

Wayesethi, "Manje, yilapho kukhokha khona."

UDelores waya ekhaya, wangishayela ucingo, wathi, "Bill, angikwazi nje ukumela ukubona uMama ehamba."

Ngathi, "Delores, yini ekwenza usho into enjalo na?"

49 Wathi, "Angikwazi nje ukumela ukubona uMama ehamba, nguye kuphela umama esinaye, futhi uyena kuphela esiyoke sibe naye." Futhi wathi, "Nakhu uneminyaka engamashumi amahlanu nantathu ubudala mina ngineminyaka engamashumi amabili nesikhombisa." Wathi, "Sizokumela kanjani—kanjani, Bill na? Sibe naye yonke le mpilo."

50 Ngathi, "Delores, bheka efasiteleni lapho ohleli khona efonini yakho, kwesokunxele sakho. Ubonani na? Ngabe sikhona isihlahla esimi lapho, isihlahla esikhulukazi, esikhulu somokhi na?"

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "Ezinyangeni ezimbili ezedlule wonke amaqabunga abemahle futhi eluhlaza."

"Yebo."

Ngathi, "Ambala muni manje, Delores na?"

Futhi wathi, "Ansundu, futhi abomvu, aphuzi, futhi aluhlaza."

Ngathi, "Yini indaba na?"

Wathi, "Impilo ishiya iqabunga."

Ngathi, "Kunjalo." Ngathi, "Lalilihle nini kunakho konke na?"

Wathi, "Khona manje."

51 Ngathi, "Ekufeni kwalo." Amen. "Kuyigugu emehlweni eNkosi ukufa kwabangcwele baKhe," ukubabona labo abangcwele abadala behla baze bafike ekugcineni, kuze kube umzuzu wokugcina.

52 Lapho uMama engasakwazi ukukhuluma, ngathi, "Mama, kulungile uma ungakwazi . . . Ngifuna," Ngathi, "njengomfana wakho ongumshumayeli, ngifuna ukukubuza, usho ukuthini uKristu kuwe na?"

Futhi wathi, "Kukho konke, kukho konke, Uthandeka kakhulu manje kunanini."

53 Futhi lapho engasakwazi ukukhuluma, ngangithi, "Mama, awusakwazi ukukhuluma, uzohamba manje emizuzwini embalwa nje. Ngifuna ukunikela umphefumulo wakho kuNkulunkulu, ngimi lapha, Mama, uma ungakwazi ukukhuluma nami manje, uma uKristu esasho yonke into kuwe, lapho usulungele ukufa manje, uma ungakwazi ukukhuluma, cwayizisa amehlo akho." Futhi wayecwayiza amehlo akhe phansi naphezulu, futhi wahamba wayohlangana noNkulunkulu.

54 O, he, he! "Liyigugu emehlweni eNkosi," lobobufakazi obuhle, ngenkathi uSathane emi lapho, athi, "Ngizokwenza uBill noDelores, bona, baKufulathele, ngimthathe futhi ngimhlukumeze kancane." Kodwa, o, he, bheka lowo ongcwele omdala ebambelele ngqo kuleso siphetho futhi ezohlangana noNkulunkulu, njengeqabunga lihamba nje.

55 Ngibheke umngane wami oligugu ohlezi ngapha, owake waba nguFakazi kaJehova, futhi yena u . . . igama lakhe nguBanks Wood, futhi ungumakhelwane wami. Futhi uyeza, hhayi . . . Ngesinye isikhathi, ngenkathi efika okokuqala, yena nomkakhe, babenomfana owayenovendle, futhi wayesemhlanganweni waseTexas, okokuqala eLouisville, lapho abona khona intombazane, iphenduka iba ushoki, noma, itshe kwakuyilo, yaphulukiswa, egijima ehla enyuka izitebhisi, kwamangalisa bonke odokotela nakho konke. Baletha umfana wabo onovendle eTexas, kulapho iNgelosi yeNkosi yaba nesithombe saYo ukuba sithathwe, iNsika yoMlilo. Kwase kuthike, emva kwalapho ngaya eNorway naseSweden, ngabuya, ngangisenhla ngingena e-Ohio, baletha umfana phezulu lapho, ngingabazi.

56 Ngobunye ubusuku uMoya oNgcwele wakhuluma wathi, "Umfana omncane onehembe eliphuzi ngemuva lapho usephulukisiwe, ISHO KANJE INKOSI." Futhi ngalowomzuzu uMoya oNgcwele wehla, waqondisa lowomlenze ogwegwile, uphelele nje e . . . Ingabe uDavid use—esakhiweni namuhla ebusuku na? Qhabo, uye ekhaya, akayanga na? Uyise lo, phakamisa isandla sakho, Banks. Umama wakhe uhlezi lapha

ndawondawo. Ukuphi, Dadewethu Wood na? Njenge. . .Nakho lapho bekhona njengofakazi.

57 Awu, bangithanda kakhulu baze basuka nje, umakhelwane wami kimi, futhi umakhelwane weZenzo 2:4 bangempela nabo, bayibo ngempela, bobabili bemukela uMoya oNgcwele. Futhi wonke umndeni wakhe, ngokuphathekayo bonke bengabafundayo koFakazi bakaJehova, ngemibono namandla kaNkulunkulu, wabaguqulela bonke embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Abantu bomkakhe bonke bengamaMethodisti, abesifazane abalungile, amadoda alungile, nayo yonke into, nabo bonke abantu bakubo, lonke iqembu, selingenile futhi lemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngaphandle koyedwa. Beqaphela uNkulunkulu . . .

58 Futhi uMfowethu Banks nami sithanda ukuzingela izingwejeje. Angazi noma ngabe noma ubani. . .Bangaki abake bayozingela izingwejeje na? O, he! Iyiphi ingxenye yeKentucky ophuma kuyo empeleni na? Niyabo? Futhi, akukho ukuzingela okunjengakho, akukho ndawo nhlobo. Futhi, sizingela izingwejeje ngesibhamu esikhulu esiyi .22, ukudubula emayadini angamashumi amahlanu, ukudubule ehlweni, futhi asitholi nje izingwejeje eziningi kakhulu, kodwa sinesikhathi esimnandi lapho ngiya eholidini.

59 Futhi, ngoluny'usuku ezansi lapho, kwaba, ikwindla yayomile ngempela, eminyakeni emibili edlule, futhi sasikhempile ngaphandle, sasingakagezi emavikini athi awabe mabili, nentshebe ebusweni bethu bonke, negazi lengwejeje, sasimahliphihliphi. Kodwa, ngangiziphumulele emihlanganweni, ngithi ukubuyela emvelweni, Ngihlala ngibona uNkulunkulu emvelweni yaKhe, ngibuka indlela yaKhe ehlinzekiwe. Qaphelani. Kwase kuthi-ke, koma kakhulu, lapho singena emahlathini, lawo mahlathi afulethi, ukuphuka kweqabunga okukodwa okuncane nje, futhi ukhuluma ngoHoudini ngokuba ingcweti yokuphunyuka, iyimfunda makhwela eceleni kwenye yalezo zingwejeje, [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.] isihambile, *kanjalo*, futhi ukudubula ngesibhamu esikhulu, bese kuba iso, kuyinto enzima ukuyenza.

60 Ngakho, uMfowethu Banks wathi, "Uyazi, ngiyazi lapho okukhona indoda ena-eka angamakhulu amahlanu amahlathi onke emihosheni." Bangaki abaziyo ukuthi umhosha uyini na? Kulungile. Futhi, lokho kusezansi esigodini kanjalo, lapho amanzi adlula khona, wathi, "Besingafika phansi lapho bese sihamba ngezinyawo." Ngakho, sehla ukuyobona lendoda, wathi, "Into kuphela ingukuthi, ukuthi le ndoda ingumphikinkolo, ongakholwa omubi kakhulu."

61 Awu, sadlula emasimini nakho konke saze sabuyela endaweni yakhe. Futhi lapho sibuyela endaweni lapho lo

mpiki-nkolo, ongakholwayo, ayehlala khona, nango ehlezi ngaphandle ngaphansi kwesihlahla, yena nelinye ikhehla lihlezi phandle lapho, nezigqoko zabo zehlisiwe, behlafuna ugwayi futhi bephimisa, kanjalo. Ngakho, uMfowethu Wood wehla emotweni, wase eya ngale, wayesethi, "Ngingakwazi ukuzingela izingwejeje endaweni yakho isikhashana na?"

Lathi, "Ungubani igama lakho na?"

Wathi, "Wood."

Wathi, "Ungumuphi uWood na?"

Futhi wathi, "Banks."

Wathi, "Ingabe ungumfana kaJim Wood na?"

Wathi, "Yebo." Kwakunguyise lowo.

Wathi, "Awu, noma yimuphi umfana noma yimuphi wabantu bakaJim Wood wamukelekile noma yikuphi endaweni yami abafuna ukuza."

Ngakho, wathi, "Ngize nomelusi wami. Angakwazi ukuzingela naye na?"

Lomfo omdala waphimisa wayesethi, "Wood, awuqondile ukungitshela ukuthi usube mubi ngokwenele, uze udingeke uthwale umshumayeli nomaphi lapho uya khona na?"

Futhi ngakho, ngacabanga ukuthi sekuthi akube yisikhathi sokuthi mina ngiphume emotweni, ngakho ngaphuma emotweni ngase ngizulazula lapho, ngathi, "Sawubona?"

Wathi, "Futhi ungumshumayeli na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

62 Futhi ngaphambi kokuba uMfowethu Wood athole ithuba lokungethula, ngani, wathi, "Uyazi, inkathazo ngani bafo," wathi, "nikhonkotha esihlahla esingesiso." Niyazi ukuthi yini, inja eyigqalashu ekhonkotha esihlahleni esingesiso, inamanga, niyabona, negqalashu selihambile, futhi ayikhonkothi lutho. Ngakho, wathi, "Nina bafo nikhonkotha isihlahla esingesiso kakhulu kakhulu."

Ngathi, "Usho ukuthini na?"

63 Wayengakholwa ukuthi kwakukhona into enjengoNkulunkulu, futhi wayengazi lutho ngakho. "Awu," Ngacabanga, "manje, lowomfo omdala akamubi, akaqondile ukuba ngaleyondlela."

64 Wathi, "Bakhuluma nga*lokhu*, futhi bakhuluma nga*lokho*, futhi akukho lutho kukho. Ngike ngaba lapha ngqo, futhi angikaze ngibone lutho olufana nalo, Ngingabheka phezulu nga*leyo*ndlela, futhi angiboni lutho, ngibheke *ngale*ndlela, angiboni lutho." Wathi, "Ngani, ba . . . "

65 Niyabo, inkathazo yakho iwukuthi, kufana nje nabantu abeza komunye womhlangano, kunezihlahla eziningi awukwazi

ukubona amahlathi. Yilokho nje. Niyabo? Ngakho-ke, wahlala lapho, niyazi, isikhashana, futhi ngacabanga, "Nkosi, uma Uzongisiza nje manje, mhlawumbe singabamba umfo omdala senzele uMbuso kaNkulunkulu."

66 Futhi kwakukhona isihlahla sama-aphula simi lapho, namayelo jakethe (Bangaki owaziyo ukuthi ayini amayelo jakhethi na?), waye. . .babedla ama-aphula, ngase ngilula isandla ngase ngicosha, ngathi, "Ngicela elinye lalawa maphula?"

67 Wathi, "Zitike, amayelo jakhethi ayawadla." Ngakho, ngiqala ukulihlikihla, *kanjalo*. Futhi wathi, "Kwakukhona umshumayeli oyedwa, ngesinye isikhathi, lapha cishe eminyakeni emithathu edlule, noma emine, oza ngapha edolobheni elincane elibizwa ngokuthi i-Acton." Futhi wathi, "I-Acton iyindawo encane lapho benenkundla yamaMethodisti." Wathi, "Lomshumayeli wehla evela e-Indiana, futhi wayenaleyondawo igcwele phama, igcwele abantu, lapho ubusuku obuthathu."

68 Wayesethi, "Inenekazi elikhulile *Eligama elithize* phezulu lapha egqumeni lalinomdlavuza esiswini salo, futhi," wathi, "laba libi kakhulu kangangokuthi abange besakwazi ukulibeka epoweni, kwadingeka basebenzise ishidi lokudonsa." Futhi wathi, "Mina nomkami sasikhuphukela lapho kabili ngosuku futhi silishintshele umbhede." Wathi, "Odokotela bamnikeza ukuthi afe emavikini ambalwa ngaphambi kwalokho futhi," wathi, "kwakungekho okwakungenziwa, wayengasakwazi nokukhuluma impela, engasakwazi ngisho nokubeka amanzi afudumele esiswini sakhe."

69 Futhi wathi, "Udadewabo wehla waya kulowo mhlangano ngalobo busuku futhi," wathi, "lomshumayeli, emi phezulu lapho, wayengakaze abe kulelizwe ngaphambilini empilweni yakhe, wabheka emuva phezu kwezithameli futhi wathi, 'Lona wesifazane ohlezi emuva lapha ogama lingu *S'bani-bani*. Lapho ephuma ekhaya namuhla ebusuku, ubeke fro-. . . lithathwe ediloweni lekhabethe ngakwesokudla iduku elincane elinomfanekiso oluhlaza okwesibhakabhaka kulo, walifaka ephaketheni lakhe. Uma linodade ogulayo. . .Li*no*dadewabo ogulayo ogama lakhe lingu*S'bani-bani* ohlala phezulu lapha, futhi ubulawa umdlavuza. ISHO KANJE INKOSI, thatha leliduku uhambe ulibeke phezu kukadadewenu futhi uzophulukiswa.'"

70 Futhi wathi, "Wasukuma owesifazane esihlalweni lapho abehlezi khona, futhi wahamba wabeka leloduku kulowo wesifazane." Futhi wathi, "Ngani, bona. . .Ngacabanga ukuthi babeneSalvation Army phezulu lapho esiqongweni segquma." Wathi, "Angikaze ngikuzwe ukukhala kakhulu okungaka, cishe ngeleshumi nambili nqo ngalobobusuku."

71 Awu, kwakuyisigejane sabo phezulu lapho bebeka iduku phezu kwenenekazi eselukhulile, futhi laphulukiswa, ngokweZwi leNkosi nje, lasukuma, ligxuma nxazonke, limemeza, lidumisa iNkosi.

72 Futhi wathi, "Ngakusasa ekuseni, mina nomkami sakhuphukela lapho." Wathi, "Kwase kuleyithi, cishe phakathi kwamabili, sacabanga ukuthi inenekazi elidala, esasibheke ukuthi life noma ngamuphi umzuzu noma kanjani, sasicabanga ukuthi labo kwakungabantwana balo bekhala kakhulu, ukuthi lase livele lishonile." Futhi wathi, "Sakhuphukela lapho ngakusasa ekuseni, nanto lona nomyeni walo behlezi, itafula bedla ophaya bama-aphula abathosiwe futhi bephuza ikhofi." Futhi wathi, "Linza owalo umsebenzi kanye nomsebenzi kamakhelwane."

Ngacabanga, "O, o. Yingakho . . . Ngiyajabula wena ukushilo lokho."

Futhi uMfowethu Banks waqala ukuthi, "Awu, lokho . . . "

Mina, "E-e. Ungakwenzi. Niyabo? Ungakwenzi." Ngathi, "Ingabe kunjalo na?"

Wathi, "Yebo, kunjalo."

Ngathi, "Awukukholwa lokho."

73 Wathi, "Khuphuka lapho futhi uthole." Niyabo, wayeshumayela ephindisela kimi ngaleyonkathi. Niyabo? Niyabo? "Yenyukela lapho ngqo futhi uthole, igama lakhe ngu*S'bani-bani*, uhlala ngqo ngasekhoneni."

Elinye ikhehla lihlezi lapho, lathi, "Kunjalo." Niyabo?

Futhi ngathi, "Ngabe usho ukuthi yiqiniso lelo na?"

Wathi, "Awu, hamba uzitholele qobo lwakho."

Ngathi, "He!" Ngathi, "Kwakungubani igama lalowo mfo na?"

Wathi, "Angazi." Wathi, "Ngiyalikhohlwa." Wathi, "Omunye umshumayeli ovela enhla e-Indiana," washo.

Futhi ngathi, "Yebo, mnumzane." Futhi, ngangidla kulelo apula, niyazi, ngase ngithi, "I-aphula elihle lelo."

Wathi, "O, ya." Wathi, "Ngelihle kakhulu, silidla minyaka yonke."

Ngathi, "Sidala kangakanani leso sihlahla na?"

"O," wathi, "thina . . . Ngatshala lesosihlahla lapho mina qobo cishe eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, into enjalo." Wayenamashumi ayisikhombisa nesithupha, ngicabanga ukuthi kwakunjalo.

Ngathi, "Yebo, e-hhe." Ngathi, "Ngifuna ukukubuza umbuzo."

74 Futhi wathi, "Yebo, mnumzane." Wayesanda kuqeda nje ukuthi, "Uma lowo mshumayeli eke abuye lapha, kwakubonakala sengathi wayenokuthile ebholeni." Wathi, "Ngizombuza: Wazi kanjani ukuthi lowo wesifazane wayekuleso simo, futhi wayazi kanjani ukuthi wayesosindiswa na?"

Futhi ngathi, "Uthi wasitshala leso sihlahla esikhathi eside kangaka esedlule na?"

"Yebo."

75 Ngathi, "Ngifuna ukukubuza umbuzo. Kuthi nje akube maphakathi no-Agasti, asizange sibe ngisho nobusuku obupholile. Kungani lawo maqabunga eqathaka esihlahleni na?"

"O," wathi, "ukuphila kuwashiyile."

"O," ngathi, "ingabe kunjalo lokho na? Awu, kwenzekani empilweni na?"

"O," uthi, "kwehlela ezimpandeni zesihlahla."

Ngathi, "Kungani kwehlela lapho na?"

Wathi, "Awu, uma kungakwenzi, sizokufa, ubusika buzosibulala, imbewana yokuphila ayikwazi ukuhlala phezulu kulesisihlahla lapha."

Ngathi, "O. Awu," ngathi, "yini ewabangela ukuthi ehle ngaphambi kokuthi kube khona amakhaza abandayo na?"

"Awu," wathi, "avele ehle nje."

Futhi ngathi, "Awu, manje . . . "

Wathi, "Kuyimvelo nje, empeleni aya phansi."

76 Ngathi, "Awu, uma ngithola ibhakede lamanzi futhi ngilibeke phandle lapha kuleso siqu sesihlahla samaqhwagi, ingabe, lapho kufika ikwindla yonyaka, ingabe lawo manzi azophuma ebhakedeni aqonde ngqo esiqwini, futhi intwasahlobo elandelayo ibuye ikhuphuke, ikhuphule elinye ibhakede lamanzi na?"

Wathi, "Qhabo."

77 Ngathi, "Khona-ke kufanele kube noBuhlakaniphi obuthile, leso sihlahla asinabo ubuhlakani, isi—isihlahla, isitshalo, kufanele kube nohlobo oluthile loBuhlakani bokuwenza ehle ukuze afihle impilo yawo, bese-ke ebuya ukuzokulethela esinye isixheke sama-aphula."

Wathi, "Awu, uyazi ukuthini?" Wathi, "Angikaze ngikucabange ngaleyondlela nje."

78 Futhi ngathi, "Ngiyakutshela, cabanga ngalokho, futhi noma nini lapho ungathola uBuhlakani obuthi kulesosihlahla, 'Qathaza amaqabunga akho, shesha ubuyele ezimpandeni, futhi uhlale lapho, futhi intwasahlobo elandelayo ubuye futhi,' lapho uthola ukuthi ibuphi uBuhlakani obayala leso sihlahla ukwenza

lokho, ngizokutshela ukuthi yibuphi uBuhlakani obangitshela ukuthi owesifazane wayebulawa umdlavuza, futhi babeke iduku phezu kwakhe, uyophulukiswa."

Wathi, "Awuyena lowo mshumayeli na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane, nginguye. NginguMfowethu Branham."

Wathi, "Lelo igama."

79 Lelo khehla laba ngumKristu, lanikela inhliziyo yalo kuKristu. Ngonyaka odlule uMfowethu Wood nami sasisezansi lapho, futhi ngashayela ukuyobona ikhehla, nomkalo wayehlezi kuvulandi ongemuva ehluba ama-aphula avela esihlahleni esifanayo. Futhi ngeyenyuka futhi ngakhuluma naye, wayesethi, "Mfowethu Branham, leyondaba encane elula yaholela umfowethu omdala kuKristu, wafa ekukholweni kobuKristu ngonyaka odlule."

80 Manje, kwakuyini na? Wathola indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe, ngokubheka indlela Ayengahlinzeka ngayo indlela yokuphunyuka ekufeni kwaleso sihlahla, wathola indlela ehlinzekiwe uNkulunkulu ayemhlinzekele yona ukuba aphinde aphile. Bheka nje indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. UNkulunkulu uhlale enza indlela ehlinzekiwe, kulokhu sifanele siyilandele.

81 Manje, uNkulunkulu wenzela isintu indlela ehlinzekiwe yokubalekela izahlulelo ezizayo. Ezinsukwini zikaNowa uNkulunkulu wenza indlela ehlinzekiwe. Kodwa lapho uNkulunkulu enza indlela futhi umuntu enqaba ukuhamba kuyo, khona-ke uma beyigeja, akusilo iphutha likaNkulunkulu, akukho okungaphezu kokuthi kuyiphutha ledolobha lapho udlula isibani sokumisa. Niyabo? Wenze indlela. Futhi uNkulunkulu, ngaphambi kokuba Wayezobhubhisa izwe, Wakha . . . wenza ukuba kwakhiwe umkhumbi, hhayi lokho kuphela, kodwa Wahlinzeka ngomprofethi ngeZwi laKhe ukwenza indlela yokuba abantu baphunyuke, futhi bonke abakholwa futhi bahamba ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, ngesithunywa sikaNkulunkulu esihlinzekiwe ukuze sibakhombise endleleni ehlinzekwe nguNkulunkulu, baphunyula olakeni nasesahlulelweni sokufa.

82 UNkulunkulu unesiThunywa kulobubusuku, esibizwa ngoMoya oNgcwele, UyiZwi. NeZwi . . . Ngu—NguYe obonakalisa iZwi, kodwa ufanele uhambe ngaleyondlela. Ufanele ulalele isiThunywa sikaNkulunkulu, okuyiZwi laKhe futhi uhambe ngaleyo ndlela, yindlela elungiselelwe, ukuba . . . yokuphunyuka.

83 UJobe, enye yezincwadi ezindala kunazo zonke zeBhayibheli, ezalotshwa, basho njalo, ngaphambi kokuba uGenesise alotshwe. Futhi uJobe, eyindoda elungile, indoda emesabayo uNkulunkulu, futhi wayazi ukuthi

kwakukhona uNkulunkulu ndawondawo, futhi wayefuna ukwazi ukuthi wayengeza yini kuYe ngezinsuku zosizi lwakhe. Wathi, "Ukube ngangazi lapho Ehlala khona, futhi ngingahamba ngingqongqoze [UMfowethu Branham ungqongqoza epulpiti—Umhl.] emnyango waKhe futhi—futhi ukhulume naYe, uma nje ngangingathola indlela, ngandlela thize, ukuthi ngibone uNkulunkulu!"

84 Futhi, uNkulunkulu wakhuluma naye futhi wenza indlela ehlinzekiwe. Futhi, wayefuna ukuthola umkhongi, into eyayingama phakathi komuntu oyisoni noNkulunkulu ongcwele, bese ebeka izandla zakhe phezu kukaNkulunkulu ongcwele, nesandla saKhe phezu komuntu onesono, futhi avale indlela phakathi kwabo bobabili, enza ukuthula. UNkulunkulu wehla ngesivunguvungu, uJobe wabopha izinkalo zakhe, UNkulunkulu wayenendlela ehlinzekiwe, noMoya kaNkulunkulu wehlela phezu komprofethi. Wabona ukuFika kukaKristu futhi wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, futhi ngezinsuku zokugcina Uyokuma kulo mhlaba. Nakuba emva kokuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu." Amen. Niyabo? UNkulunkulu wayemkhombisa indlela yaKhe ehlinzekiwe.

85 UJobe 14, wabona izihlahla, wathi, "Uma isihlahla sifa, kukhona amathemba okuthi siphinde siphile. Kepha umuntu uyafa, ya, aphume umoya abune, uphi na? Njengoba amadodana akhe eza ukuzolila, ukuzomhlonipha, futhi yena engaboni. Sengathi ungangifihla endaweni yabafileyo, ungigcine ekusithekeni kuze kudlule ulaka lwaKho!"

86 Wayekuqonda ukuthi i—ukuthi imbali iyafa, ibuye iphile; nesihlahla safa, sabuye saphila; kodwa wathi, "Umuntu ulala phansi, uphuma umoya, awumboni ebuya futhi." Wafaka imbewu emhlabeni, wayibona ifa, ibola, iveza okunye ukuphila, kepha umuntu wangena othulini, walala lapho. Ngakho, uNkulunkulu wayemchazela ukuthi isizathu sokuthi umuntu alale lapho yingoba umuntu wayonile futhi waphuma endleleni ehlinzekwe nguNkulunkulu, indlela yasekuqaleni, futhi indlela yasekuqaleni yokuba umuntu aphile kwakungeZwi likaNkulunkulu.

87 UNkulunkulu waliqinisa iBandla laKhe ngeZwi laKhe, kwathi lapho Besuka kuleloZwi, umnyakazo owodwa nje walo, kwabanga konke lokhu, bonke ubuhlungu benhliziyo, lonke usizi, konke ukudumazeka, wonke amathuna, konke ukuguga, nakho konke ukugula, zonke izifo, konke ukuhlupheka kwabangelwa ngoba uhlanga lwesintu lwavele lwalalela ukuzindla esikhundleni seZwi. Lokho kwabangela yonke into.

"O," wena uthi, "awu, akwenzi mehluko ngempela."

88 Kuyawenza umehluko. UNkulunkulu kanye nesiThunywa saKhe, watshela uLoti nomkakhe, nabantwana, "Ungabheki

ngisho emuva." NomkaLoti, nabantwana bakhe uqobo nabazukulu bevutha ekwahlululeleni kukaNkulunkulu, umama, wavele waphendula ikhanda kancane, wabheka emuva, futhi waqalekiswa waba insika kasawoti. Ufanele ugcine lonke iZwi laKho. "Umuntu kayikuphila ngesinkwa sodwa," kwasho uJesu, "kodwa ngawo wonke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

89 UJobe wayazi-ke ukuthi lowomuntu wayonile, kodwa-ke uNkulunkulu wamkhombisa indlela yaKhe yokuza ehlinzekiwe, lapho okwakuyofika khona Oyedwa owayengabeka isandla saKhe phezu kwendoda eyisoni noNkulunkulu ongcwele, futhi avale igebe lendlela. Futhi wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, futhi ngezinsuku zokugcina Uzokuma phezu komhlaba. Nakuba emva kokuba izibungu zesikhumba sezibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, Engiyakumbona ngokwami, amehlo ami ayakubona, hhayi omunye." Haleluya! Lowo Mhlengi wafika ngesikhathi nje.

90 Kwafika isikhathi sika-Israyeli sokukhululwa, UNkulunkulu wahlinzeka ngomprofethi neZwi lasekuqaleni lesithembiso, indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Manje, u-Israyeli wayesebugqilini. Manje, uMose wakugeja kuqala, wayeyindoda yezempi, wacabanga, "Ngangingaphuma ngibulale abathi ababe babili babo, babengesaba." Niyabo?

91 Yilokho umuntu ahlala ezama ukukwenza, ukuthatha, ukwenza okwakhe ukuzuza ngempumelelo, kodwa awukwazi, indlela isivele yenziwe, uNkulunkulu wenze indlela. Niyabo? Akunandaba ukuthi imuphi umJuda omkhulu, ohlakaniphile owayengasukuma futhi athi, "Uyazi ukuthini? Singashaya izinkemba zethu, futhi singabhaxabula lesi sizwe," lokho akusoze kwasebenza. UNkulunkulu wayenendlela yokukwenza, futhi uNkulunkulu Wayebathembisile ukuthi Wayezokwenza.

92 Futhi, ngenkathi uNkulunkulu ethumela umuntu phansi, umprofethi, iZwi eliza kuye, wayeneZwi likaNkulunkulu lasekuqaleni, "Ngikuzwile ukububula kwabantu bami futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi," (Haleluya!) ukuthi uNkulunkulu akaguquki, Uhlala naleloZwi, uhlamvu ngohlamvu. Akusikho lokho kuphela, kodwa Wayemqinisekisile umprofethi waKhe, wehla, wayeneNsika yoMlilo phezu kwakhe, yamqinisekisa. WayengokaNkulunkulu. . . Lowo kwakunguNkulunkulu efakazisa ukuthi umuntu wayeqinisile, ngoba wayeneZwi ngqo. O, he! Washumayela iZwi, uNkulunkulu wasebenza naye, eqinisekisa amaZwi ngezibonakaliso zilandela. Khona impela lokho uNkulunkulu atshela uMose ukuba akwenze, uMose wakwenza.

93 UMose wayenabalingisi abaningi, kodwa kuzo zonke izimo uNkulunkulu wayelokhu egibele igagasi ngaphezu kwabo bonke

abalingisi futhi wakukhipha kahle. UJesu wathi . . . IBhayibheli likhuluma ukuthi, "Ngezinsuku zokugcina njengoJambre noJane bamelana noMose, kanjalo abantu bayakusukuma ngezinsuku zokugcina," ukulingisa, wakwethembisa.

94 Kodwa, lapho uMose ephonsa induku yakhe phansi, laba bafo bemi lapho benombono ongaphezu kwemvelo baphonsa izinduku zabo phansi, benze into efanayo uMose ayenzile, kuphela, uMose wayelandela umugqa kaNkulunkulu (Futhi kwenzekani na? Akukho lutho indoda eyayingayenza, yayiwugcwalisile umsebenzi wayo. Lapho wenza konke ongakwenza emgqeni womsebenzi, khona-ke kungumsebenzi kaNkulunkulu ukuhlinzeka indlela ukuba . . . ? . . . UNkulunkulu uzoZihlinzekela umhlatshelo. Niyabo?) noMose waphonsa induku yakhe phansi, no-Aroni wayiphonsa phansi, futhi zaphenduka izinyoka, futhi nakhu kufika abanombono ongaphezu kwemvelo, futhi baphonsa phansi izinduku zabo, futhi zaphenduka, kwase kuthi-ke uMose wayengeke enze lutho olunye, kunendlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe: Izinduku zabo zadla ezinye. Kwenzekeni ngenduku na? Ingabe inyoka yabankulu, noma kwenzekani na? O, uNkulunkulu usenendlela ehlinzekiwe, futhi Uyakwazi ukwenza indlela, lapho ingekho enye indlela, Uyindlela! Amen.

95 Ngenkathi abaseGibhithe bengazikholwa lezozibonakaliso uMose azenzayo, babengekukholwe, kwase-ke kuletha ukufa. Futhi lapho umuntu engalikholwa iZwi likaNkulunkulu, lihlala limehlukanisa noNkulunkulu. Ngenkathi u-Eva ehluleka ukukholwa iZwi likaNkulunkulu lamehlukanisa yena no-Adamu kuNkulunkulu, ngoba bobabili babemunye. Qaphelani, lapho noma yimuphi umuntu engalikholwa iZwi likaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu liyiNdlela ehlinzekiwe kaNkulunkulu, akukho-muntu ofanele anezele utho kuLo noma asuse noma yini kuLo, Kufanele kube nje ngendlela Elilotshwe ngayo, manje, lapho noma ngubani esusa kuLo noma enezela kuLo, ngani, uzehlukanisa noNkulunkulu, usehlukanisiwe ngaleyonkathi.

96 AbaseGibhithe abasikholwanga leso sibonakaliso somprofethi ukuthi wehlela lapho futhi wasenza phambi kwabo bonke, manje, manje, yena u . . . lokho kuletha ukufa, ukufa kungukuhlukana. Futhi lapho ukufa sekulungele ukushaya, UNkulunkulu wenza isilungiselelo sokuhlukanisa amakholwa kwabangakholwa, futhi lokho kwakungegazi. Igazi lenza ukwehlukana. Lowo owakholwa ngempela ufika ngaphansi kwegazi, labo abangakholwanga bahlala ngaphansi kwegazi.

97 Futhi yileyondlela efanayo okuyiyo namhlanje, amakholwa ahlala ngaphansi kweGazi. Kunjalo. Indawo kuphela yokuhlala yokuphepha. Kulungile. IGazi labangela ukwehlukana phakathi kwekholwa nongakholwayo ngoba iGazi liphethe ukuPhila. IGazi, ukuPhila kuseGazini, ngakho ukuPhila . . . IGazi

lisekuPhileni, nekholwa lihlala eGazini, elimlethela ukuPhila okuPhakade, nongakholwayo athathe isivumokholo sakhe aqhubeke. Kunjalo. Ayikho indlela yokusuka kuyo. Kulungile.

98 Emva kokuba uMose esebaholile wabakhipha, ufika oLwandle oluBomvu, khona ngqo endleleni yomsebenzi, lapho uLwandle oLubomvu lwabanquma. UMose wayedinga ibhuloho, uNkulunkulu wahlinzeka umoya. Amen. Ngakho, uMose akazange...wayengeke asebenzise ibhuloho, wathatha indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, futhi wahamba waya phambili ebheke ngasolwandle, futhi lwavuleka, futhi uMose no-Israyeli bawela emhlabathini owomile, ngoba balandela indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu.

99 Ehlane bayafika, uhambo, ubuhlungu benhliziyo nezinsizi lapho bedlula. UMose waba mdala, eneminyaka eyikhulu namashumi amabili ubudala, futhi ngolunye usuku wayezokufa, ngakho wakhuphukela esiqongweni sentaba yasePisga. Futhi ngenkathi esephezulu lapho ebuka izwe lesithembiso, ukufa kwamshaya, lowomprofethi kaNkulunkulu othembekile, lapho kungakaze kube khona oyedwa ophila njengaye, kodwa ukufa kwamshaya, futhi kwathi lapho ukufa sekumshayile, wayedinga indawo ayengafela kuyo, UNkulunkulu wahlinzeka ngedwala, lelodwala elifanayo elalimlandele ehlane, wakhwela phezu kwedwala futhi wafa. Khona-ke wayedinga abathwali bezidumbu ukuze bamngcwabe, futhi uNkulunkulu wahlinzeka iziNgelosi, futhi zafika zamthwala zamyisa ndawondawo...?...Kwakuyini na? UNkulunkulu! Uma sizohamba ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, uNkulunkulu uzohlinzeka ngakho konke esikudingayo. UNkulunkulu uyahlinzeka, kungakhathaleki ukuthi izimo sinjani, Uyahlinzeka.

100 U-Enoke, ngolunye usuku, owayehambe iminyaka engamakhulu amahlanu phambi kukaNkulunkulu, futhi waba nobufakazi ukuthi wayeMthokozisile (Amen. Ubufakazi obunje pho!), iminyaka engamakhulu amahlanu futhi waba nobufakazi wajabulisa uNkulunkulu, futhi ngolunye usuku waqala ukuthatha uhambo lwantambama, futhi wayedinga indlela, futhi uNkulunkulu wamnika umgwaqo omkhulu, futhi wahamba waphuma ngqo lapha, wenyukela ngqo esitebhisini sikaJakobe, noma, umgwaqo omkhulu, ekhuphukela eKhaya. Niyabo? UNkulunkulu wamhlinzeka indlela yokuya eKhaya. Kulungile.

101 U-Elija, emva kokuba esethethise uJezebeli kakhulu kangako...Sidinga omunye namuhla. Kunjalo. Wamthethisa...Kanjani i...Siyamdinga oyedwa namuhla. Kanjani abantu...O, kuyihlazo, kulokho abantu abakwenzayo namhlanje, kungukuthi nje...futhi bonke bazibiza ngamaKristu. Futhi enye yale mfashini abesifazane bethu besimanje abayigqokile, abanye balaba besifazane

abanalezozinwele ezigundwe zaba inkimbinkimbi, niyazi… [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

102 Ngike ngalubona uchoko, kodwa angikaze ngiyibone into enjalo. Lowo wesifazane wayenamehlo abomvu naluhlaza sasibhakabhaka, izinto ezinsundu zigcwele ubuso bakhe, enye yazo ukugunda izinwele zibe yinkimbinkimbi. Ngamdabukela kakhulu, ngangizokhuphuka ngithi, "Dadewethu, ngixolele. Yini engalungile ngawe na? Ngiyisithunywa senkolo. Ufuna ngikukhulekele na? Ngikhulekela abagulayo." Futhi ngenkathi ngisakhuphukela kowesifazane, ababili noma abathathu bekhuphuka ngendlela efanayo, Ngacabanga, "Heyi bakithi, ngokuqinisekile bekungeke kube kubi kangako." Kubi kabi. O, he, he, he! Yeka ihlazo! Yebo.

103 Futhi u-Elija wayewathethise lawomanenekazi okuqala ezwe, nokunye nokunye, futhi wayesekhathele futhi ekhandlekile, wayeya eKhaya. Haleluya! Wawela iJordani, futhi wayedinga iladi, kodwa uNkulunkulu wamthumelela amahhashi omlilo nenqola yomlilo. Wayenayo… UNkulunkulu wayenendlela ehlinzekiwe yokukhipha umprofethi waKhe omdala, okhathele kukho. Ngiyajabula kakhulu ngokuthi Usalokhu enguNkulunkulu.

104 UJoshuwa, emva kokufa kukaMose, wehlela emfuleni iJordani, wayedinga ibhuloho, futhi, ukuba awele, kodwa uNkulunkulu wamnika amandla, uMoya owamisa umfula, futhi wambamba phezulu lapho ezintabeni baze bahamba bawela emhlabathini owomile. Makabongwe uNkulunkulu.

105 UDaniyeli, khona ngqo endaweni yokuma yomsebenzi, emi lapho njengomprofethi phambi kukaNkulunkulu, ekhuluma iZwi likaNkulunkulu, futhi wenqaba ukuguqa ngamadolo kunoma iyiphi enye into, khona ngqo emgqeni womsebenzi, waphonswa emphandwini wezingonyama namabhubesi alambile, athukuthele. Wayedinga umkhongi, wayedinga uthango lokumbiyela emabhubesini, kodwa uNkulunkulu wathumela iNgelosi, indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu ngaye. UDaniyeli wayefuna uthango mhlawumbe, kodwa uNkulunkulu wathumela i-li-… wathumela iNgelosi eyamhlinzeka ngendlela. Umangalisa kanjani uNkulunkulu, uma nje sihamba ngendlela yaKhe ayihlinzekile!

106 Abantwana bamaHeberu babedinga ipayipi, ipayipi lomlilo, phansi esithandweni somlilo ngolunye usuku, nabo bemi ngokwethembeka, khona kanye emgqeni womsebenzi. Babedinga ipayipi lokucisha umlilo, kodwa uNkulunkulu wabathumela uMuntu wesine, kwethusa inkosi, indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu.

107 Izazi zasempumalanga zazibheke inkanyezi kaJakobe ukuba iphakame. Babefuna umholi ozobayisa kuYo, futhi

babefuna umholi, futhi uNkulunkulu wabathumelela inkanyezi, Wabaholela ngqo eNkosini encane.

Ngiyamuzwa umka Belzar ethi, "Awusho, Belzar, uyaphi na?"

108 "Ngiya le eJerusalema." O, he! Lokho kwakusempumalanga, emuva le eNdiya. Ngangilapho maduze nje, basahlala ngendlela efanayo, izazi emigwaqweni ngazintathu. Futhi, wathi, "Ngiyaphuma." Awu, kwakudingeka babe nenkombandlela eyayizobaqondisa.

Wena uthi, "Awu, lapha, ukhohlwe inkombandlela yakho."

109 "Angiyithathi ngalesi sikhathi, ngihamba ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu." Amen. "Ngihamba ngendlela ehlinzekiwe." Wamholela khona ngqo eNkosini esencane eyayizelwe.

110 Ngelinye ilanga izwe lalifuna uMsindisi, babedinga uMsindisi, UNkulunkulu wahlinzeka ngeNdodana yaKhe, uJesu, uMsindisi, wenza uMhlatshelo; WayenguMkhongi, kwakufanele Ame phakathi kwesoni nesijeziso uNkulunkulu ayesibeke phezu kwaso, ame phakathi kokufa nokuphila, isihogo neZulu, WayenguMkhongi kaNkulunkulu, uMsindisi.

111 Emva kokuba Esefile, wembelwa, futhi wavuka futhi, iBandla lalidinga amandla okushumayela iVangeli laKhe. Manje, Akabanikanga imfundo, Akabakhelanga isikole, Akababumbelanga inhlangano, kodwa Wabapha uMoya oNgcwele, leyo kwakuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. UNkulunkulu unendlela ehlinzekiwe, sizama ukwenza enye indlela, kodwa uNkulunkulu unendlela ehlinzekiwe, kuhle njalo kungokukwedlula konke ukulandela indlela yaKhe.

"Uyakwemukela amandla ngemuva kokuba usuthole iZiqu zobuCiko. Uyakwemukela amandla ngemva kokuba idikoni."

112 "Niyakwamukeliswa amandla emva kwalokhu, uMoya oNgcwele ufikile phezu kwenu. Khona niyakuba ngofakazi baMi eJerusalema, eJudiya," naseVictoria, "nasemikhawulweni yomhlaba." Yebo, mnumzane.

113 Emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokungakholwa, nokuwa, nezivumokholo, nezimfundiso, nezimfundiso-ze zengezwa ebandleni, babedinga isibonakaliso ukuze bathole ukuthi Wayesaphila noma qha. O, he! UNkulunkulu wayenendlela ehlinzekiwe, ubufakazi bokuvuka kwaKhe, isibonakaliso Ayesithembise iNzalo ka-Abrahama yobukhosi. Wethembisa eNzalweni ka-Abrahama yobukhosi ukuthi isibonakaliso esifanayo u-Abrahama asibonile, njengoba sisithathile izolo ebusuku, iNzalo yakhe yasebukhosini yayiyobona isibonakaliso esifanayo, futhi siphila esikhathini sokuhlwa lapho umprofethi athi, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa."

114 Kuyini na? Impucuko ihambe nelanga, impucuko endala kunayo yonke esinayo yiNdiya, noma, qhabo, ngiqonde iChina, bese kuthi-ke impucuko ihambe nelanga, futhi qaphelani, futhi isifikile size sifike oGwini lwaseNtshonalanga. Manje, abasakwazi ukuqhubeka, uma behamba, babuyela empumalanga futhi. Futhi qaphelani, "Kuzofika usuku," kwasho umprofethi, "ukuthi ngeke kuthiwe ubusuku noma imini." Kwakulusuku olukhwantabele, olunenkungu, uluthola lapha ogwini, unokukhanya okwanele ungabona ukuthi uhamba kanjani, kodwa akufani nokukhanya kwasekuqaleni, ilanga eliphuma ekuseni okucwathile.

115 Futhi njengoba i-l-a-n-g-a iphakama empumalanga futhi ishone entshonalanga, iVangeli le-N-d-o-d-a-n-a eyaphuma empumalanga futhi ishona entshonalanga, futhi manje lona kanye ilanga eliphuma empumalanga, il-a-n-g-a, yilanga elifanayo elishona entshonalanga, neN-d-o-d-a-n-a efanayo (Haleluya!) ukuthi, aphonse ukuKhanya kwaKhe kweVangeli, namandla, nesibonakaliso saKhe sobuMesiya kubantu basempumalanga, ezinsukwini zokugcina manje amafu asukile asuka eBandleni, futhi iN-d-o-d-a-n-a iphakama inokuphilisa emaphikweni aYo, futhi iveza amandla, ubufakazi obubonakalayo bokuvuka kwaKhe, ukuthi Usalokhu eyiNdodana kaNkulunkulu. "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa," Indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe, yebo.

116 UNkulunkulu uhlinzeke ngendlela yaKhe, isibonakaliso sikaMesiya, ukuze afakaze ukuthi Unguye, ngokwamaHeberu 13:8, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade," Indlela yaKhe efanayo ehlinzekiwe Ayeyenzele u-Abrahama, indlela efanayo ehlinzekiwe Ayeyenzele inzalo yemvelo ka-Abrahama, indlela efanayo ehlinzekiwe Ayenzele iNzalo ka-Abrahama yobukhosi.

117 Siphila ezinsukwini zokugcina lapho amabandla enokugcina umthetho ngamehlo, nezivumokholo, nezimfundiso-ze, futhi abantu sebegcina umthetho ngamehlo, imvuselelo isiphelile, nabantu babuyela kuzo zonke izinhlobo zezindlela zokuphila. Abasafuni ukuya esontweni, bahlala ekhaya futhi babukele ithelevishini, bayaphuma, nabesifazane bazigqokise bezama ukuzifanisa neHollywood. Futhi amadoda, afanele ukuba ngababusi bemizi yawo uqobo, avumela abafazi bawo ukuthi bagqoke izikhindi futhi babheme usikilidi, futhi bazibiza ngamaKristu, futhi bacule emakhwayeni nezinto ezinjalo, lapho yonke into igcwala ukungcola nobuhlanzo.

118 Kodwa uNkulunkulu wathi, "Ngizobuyisela yonke iminyaka eyadliwa yinkumbi nenkasa nazo zonke ezinye izibungu. Ngiyakubuyisela," isho iNkosi. LeloBandla elifanayo elalisezansi ngaleya ngosuku lwePhentekoste elawa, futhi lagcwalisa ibandla, ukuthi ibandla lamaRoma ekugcineni,

izinkumbi zangena ezinhlanganweni, amahlelo, ziLidla laze lafika esiqwini, kodwa uNkulunkulu wathi UyoLibuyisela ngezinsuku zokugcina.

119 UkuKhanya kwakusihlwa kuzokhanya. Sidinga ukuvangela ngesikhathi sakusihlwa, noMlayezo wesikhathi sakusihlwa, hhayi isigejane sezivumokholo. Babenemvula yokuqala neyakamuva. Igama lesiHeberu elisho *yakuqala* lisho "imvula yokuhlwanyela," bese kuba yimvula yokuvuna. Ukuhlwanyela, yini esinayo kulemvuselelo na? Amalungu engeziwe. Sahlwanyelani na? Inzalo yehlelo; savuna isivuno sehlelo.

120 AmaBaptisti ayenesiqubulo esikhulu asikhipha esithi, "Isigidi ngaphezulu ngo '44." UBilly Graham, umvuseleli omkhulu, yiqiniso lelo, siyawathakasela lawo madoda, kodwa esikudingayo namhlanje, mfowethu, ukuhlwanyela iMbewu yeVangeli yeZwi lamandla, ukuvuka kukaKristu, uMuntu ophilayo ophila nathi, kithi manje, inkathi yamanje. "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Amen.

121 Sithenjiswe isithunywa ezinsukwini zokugcina, UMalaki 4 wathi, lokho kuyobuyisela ukukholwa kwabantwana kubuyele koyise. Abantwana bePentecostal manje, abasuka kukho, uzobabuyisela eMlayezweni wasekuqaleni wePhentekoste lasekuqaleni. Haleluya! Ngizizwa ngikholwa. Amen. Amen. "Ngizobuyisela." UNkulunkulu unendlela ehlinzekiwe namuhla, yiPhentekoste elibuyiselwe, libuyele ezintweni ezifanayo, izibonakaliso ezifanayo, uMlayezo ofanayo. Amen. Nakho lapho okhona-ke.

122 Ngithini na? Indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, hamba ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Usihlinzeke ngesiThunywa, uMoya oNgcwele; Usihlinzeke ngeZwi, futhi uma noma yimuphi umoya ukhuluma okuphambene neZwi angeke kwaba nguMoya oNgcwele, ngoba uMoya oNgcwele waloba iZwi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." AmaHebheru 4:12, "Izwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili," lisika yonke inyama yezwe isuke kuwe, "futhi ungumaHluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyo."

123 "Ngizobuyisela," kusho iNkosi. "Indlela, umendo nendlela, futhi iyakuthiwa indlela yobungcwele, ongcolile akayikuhamba kuyo." Haleluya! Awukwazi ukuhamba neHollywood kanye neBandla ngesikhathi esifanayo; awukwazi ukuhamba noNkulunkulu kanye nezwe ngesikhathi esifanayo; awukwazi ukuthanda uNkulunkulu nomuntu ngesikhathi esifanayo.

124 Esikudingayo namuhla akuyona inhlangano eyengeziwe, ubulungu obuningi, kodwa sidinga ukuhlanzwa kweBandla kusukela epulpiti kuya kumlindimnyango, kanye nemvuselelo

enhle, eyimfashini endala kaPawulu oNgcwele, noMoya oNgcwele weBhayibheli, nabantu bebuya behamba endleleni ehlinzekwe nguNkulunkulu. Amen. UNkulunkulu unendlela ehlinzekiwe, masihambe kuyo.

125 UNkulunkulu wethembisa ngenkathi Elapha emhlabeni, Wethembisa, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza," UJesu wathembisa ngaphambili, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, iSodoma, kuyoba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu." Kwenzenjani na? Indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe.

126 Isigejane sabafundi sasiphandle olwandle ngesinye isikhathi. Babebuke umhlangano omkhulu ngalolosuku, futhi babone uMuntu owayengahlephula isinkwa, asidabule, futhi asibeke phansi, kwase kukhulela kuso esinye isinkwa esigcwele, esibeka phansi, waze wondla abayizinkulungwane ezinhlanu. He! Bathi, "Lokho kufanele kube nguNkulunkulu, akukho okunye obekungakwenza lokho ngaphandle kukaNkulunkulu." Wayelapho-ke.

127 Babephandle emkhunjini olwandle, bahamba ngaphandle kwaLo, bahamba ngaphandle kwaKhe. Babelapho-ke, beyiswa ngapha nangapha, futhi babengazi ukuthi kufanele bahambe ngaphi, izigwedlo zaphuka, umkhumbi wagcwala amanzi, noseyili badabuka, futhi babengenandlela yokubalekela amandla kaSathane ayegasela phezu kwabo.

128 Ngiyamangala namuhla ukuthi asihambanga yini entukuthelweni yengane futhi, emvuselelweni, ukwakha izindawo ezintsha, futhi sihlakazeke futhi sakhe ezintsha, izakhiwo ezinkulu, futhi sishumayela ukuthi ukuFika kukaKristu sekuseduze, imisebenzi yethu siqu iyafakaza ngathi. O he, nezithunywa zenkolo zingenazicathulo ezinyaweni zazo! Yini indaba, mfowethu na? Kukhona okungalungile. Qaphelani isimo nakuba ibandla elingene kusona, kodwa uNkulunkulu wethembisa kulokho ukuthi Uyobuyisela, Uyobuyisela emuva, Uyokwenza indlela.

129 Laba bafundi phandle lapho, wonke amathemba ayesephelile, base belahle ithemba, wathi, "Awu, ngeke nje siqhubeke, sizofela phandle lapha kulolulwandle kulobubusuku." Futhi nakho kufika uJesu ehamba phezu kwamanzi, futhi ingxenye edabukisayo yakho kwaba ngukuthi, uNkulunkulu wayebahlinzekele iNdlela yokuphunyuka, futhi babeYesaba, bathi, "Kubukeka kusasipoki. U, ungumoya." Futhi bakhala ngokwesaba.

UJesu wathi, "Ningesabi; yimani nesibindi; YiMi."

UNkulunkulu uhlinzeke indlela yabantu namhlanje ukuba babone ukuthi siphila esikhathini sokuphela, ningakwesabi, kukholweni.

130 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje. UNkulunkulu unendlela ehlinzekiwe, bangane, imakwe yonke

indlela, iyincingo, "Ibanzi indlela eholela ekubhujisweni, kodwa iyincingo indlela eholela ekuPhileni, futhi bambalwa nje babo abayoyifumana."

131 Ngabe ungomunye lapha kulobubusuku ongayazi ngaleyondlela, ongazi ukuthi kusho ukuthini ukuhamba endleleni yokuPhila, awumazi uKristu, awukagcwaliswa ngoMoya na? Ngizokucela, njengenceku yaKhe, ngobuqotho benhliziyo yami, uma ulapha futhi ungaMazi njengoMsindisi wakho, ungasiphakamisa isandla sakho bese uthi, "Mfowethu Branham," lapho uphakamisa isandla sakho, sizokufakazela, "Ngifuna ungikhulekele ukuthi ngihambe ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu"?

132 Ungahle ube yilunga lebandla, lokho akusho lutho; bheka, wena uthi, "Awu, ngiphila impilo enhle, ehlanzekile," lokho namanje akusho lutho kuNkulunkulu. U—ubani owayengaba ohlanzekile, owayengakhuluma okungcwele kakhulu kunalabo baFarisi bangalolo suku na? Babengamadoda aqotho esingawabiza ngamadoda esaba uNkulunkulu, kodwa uJesu wathi, "Nina ningabakayihlo udeveli," ngoba babengamazi uMesiya wabo. Uma ungaMazi siqu . . .

133 Sithumela abantwana bethu esikoleni seBhayibheli nasemakolishi, futhi sibafundisa iBhayibheli. Kusiza ngani ukwazi iBhayibheli uma ungamazi uMqambi na? IBhayibheli alisho ukuthi ukwazi iZwi, uSathane uyalazi kangcono iZwi kunanoma yimuphi umfundi ezweni, lokho akumenzi asindiswe, akukhona ngokwazi iZwi, ngukwazi Yena ngukuPhila, ukwazi Yena.

134 Uma ungaMazi, phakamisa isandla sakho, uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele, Ngifuna ukuMazi, ngobuqotho, ngayo yonke inhliziyo yami, ngifuna ukuMazi." Ngabe zikhona izoni lapha ezingaphakamisa isandla sakho bese uthi, "Ngikhulekele, ngifuna ukuMazi, Ngifuna ukuhamba endleleni yaKhe, indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Ngiyaqaphela ukuthi ngijoyine ibandla, kodwa ukube bengifa njengamanje bengiyosabela ukufa, bengingeke ngisindiswe"? UNkulunkulu akubusise. Ingabe Ukhona omunye na? "Ngifuna ukuMazi." UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselisha. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Kuhle lokho.

135 Mfowethu Brent, uNkulunkulu akubusise, mnumzane. Ngiyakutshela, kuthatha indoda yangempela ukuvuma ukuthi inephutha, lapho inephutha, ngizokuvuma, nginamathemba ayinqwaba ngalowo muntu; lapho owesifazane enephutha futhi ezolivuma, nginamathemba ayinqwaba ngaye; kodwa lapho benephutha futhi bengakuvumi: "Ositheza isono sakhe, noma, osibekela isono sakhe, akayikuphumelela, ovuma isono sakhe uyakuba nomusa." Uma unephutha futhi ukwazi, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham."

UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Omunye, ngaphambi nje komkhuleko na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Yebo, uNkulunkulu akubusise ngapha, nawe, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. Leso yi—leso yisibindi sangempela sokwenza lokho.

136 Ithi, "Yebo, Nkosi, ngiyakholwa." Ngibuka izandla nje, naYe uyabuka. Ungangabazi, kholwa nje. Qhubeka nje ukhuleka, ubhekile . . . ? . . . Kuvumele . . . Cabanga nje konke manje, ukube ubufa. Ingabe ukwenzile, uqinisekile ukuthi wenze isinqumo sakho, isinqumo sakho kahle na?

137 Baba wethu waseZulwini, kuke kwaba nezandla eziyishumi nanhlanu noma ngaphezulu eziphakanyisiwe, ngokwazi kwami konke, baswele, Nkosi, bazimisele ukuphakamisa izandla zabo futhi basho ukuthi "nginephutha, ngikhulekele."

138 Nkosi Nkulunkulu, ngizocaphuna amaZwi akho kuWe, Wena wathi eVangelini likaJohane oNgcwele isahluko se 5 nevesi lama 24, "Lowo ozwa amaZwi aMi, futhi okholwa ngoNgithumileyo, unokuphila okuphakade, futhi akayi ekwaHlulweni; kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Leso kwakuyisithembiso saKho, Nkosi.

139 Manje, baphakamise isandla sabo, bekhombisa ukuthi bekukhona uMoya obazungezile, umoya wabo, ubatshela ukuthi banephutha, futhi baphakamisela isandla sabo kuMenzi owabadala, ukuze bazise kuYe ukuthi bebenephutha. Baba, ekujuleni kwenhliziyo yabo, uma lokho kwashiwo, badlula ekufeni bangena ekuPhileni, Wakwethembisa, Wena wathi, "OyoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngiyomvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele."

140 KunoMhlatshelo ohlinzekiwe, uNkulunkulu awuhlinzekele ukugula kwethu, insindiso yethu, ngoba konke esikudingayo, uNkulunkulu unendlela ehlinzekiwe; UnguJehova-Jira, "INkosi ingaZihlinzekela umhlatshelo," futhi Yenza. Ukuthula kwaKho nomusa makube phezu kwabo, Baba. BangabaKho, bayilokho uJesu akunike khona, Yena wathi, "Akekho ongabahlwitha ezandleni zaKho." BangabaKho.

141 Bebekuqondile lokho, ngiyakholwa, Nkulunkulu, ngenhliziyo yami yonke bebekuqondile, futhi ngibakhulekela lomkhuleko wokukholwa ukuze bazi ukuthi Wena unguNkulunkulu, ukuthi aWufile, ukuthi Wawufile kanye, waphinde wavuka ngosuku lwesithathu. Futhi iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokugxekwa, futhi—futhi zonke izindlela emhlabeni ukuthunaza iGama laKho, nokusula iBhayibheli, Isekhona nanamuhla, futhi Umi ufakaza ngaYo. "Ngiqinisile, Ngingophilayo kuze kube phakade naphakade, futhi nginezihluthulelo zokufa nesihogo," kusho uMsindisi wethu.

142 Manje, Nkosi, bangabakho, kulobukhona baleliqembu, nalelibandla laseZulwini, neBandla likaNkulunkulu ophilayo,

bangabaKho. Bagcine, Baba, futhi ngalolosuku olukhulu, kwangathi singaba nenhlanhla yokuhlangana omunye nomunye futhi eduze kwalelotafula lesidlo ngalokho kuhlwa kweSidlo seNkosi sakusihlwa, eMbusweni futhi, kanye naYe. Kwangathi bangathola ibandla elihle, ibandla elihle leFull Gospel, babhaphathizwe ngombhaphathizo womKristu, bese kuthi-ke, Baba, bemukela uMoya oNgcwele futhi baphile impilo yokumesaba uNkulunkulu emva kwalokhu. Siphe khona, eGameni likaJesu. Amen.

143 Manje, ngaphambi nje kokuba nginicele ukuba nize lapha futhi nime ngapha nenzele umkhuleko, bangaki abantu abagulayo phakathi lapha, noma abantu abanesidingo sikaNkulunkulu, awunawo amakhadi omkhuleko na? Phakamisa isandla sakho, niyabo.

144 Uma iZwi lishunyayelwa, neNkosi yaqinisekisa iZwi elashunyayelwa, lenza izimangaliso nezibonakaliso. . . Manje, izolo ebusuku ngidlule e. . . ukunikhombisa ukuthi uJesu, ukuthi isibonakaliso saKhe sasiyini njengoMesiya, wehlisa osukwini luka-Abrahama, futhi wasikhombisa ukuthi sivale isimiselo sesikhathi samaJuda, savala lapho ngo-Abrahama ngesikhathi sakhe, ethenjiswe nguJesu eNzalweni yobukhosi ka-Abrahama, eyiBandla, nangesikhathi saYo; wakutshela ukuthi uNkulunkulu akasoze athatha isinqumo, futhi wabizela enkundleni ukuthi enze noma yini, Ufanele akwenze kuze kube phakade ngendlela efanayo. Lapho uNkulunkulu ebizwa ukusindisa umuntu, uma Wayethe, "Ame ngekhanda lakhe," lokho kwakufanele kube njalo kuze kube phakade. UNkulunkulu wasindisa umuntu ngegazi elichithiwe longenacala, futhi kuhlala kunjalo.

145 Sizamile imfundo, ihlelo, zonke izinhlobo zezinhlelo, futhi bonke bayehluleka futhi baxosha abantu kude noNkulunkulu futhi omunye nomunye, kodwa lapho singena ngaphansi kweGazi elichithiwe, iMethodisti, iBaptisti, iKatolika, iPresbyterian, nabo bonke bangavumelana, ngoba sisendleleni ehlinzekwe nguNkulunkulu, inhlanganyelo ngeGazi likaJesu Kristu, okuwukuphela kwezizathu okuhlanganyelwe kuzo zokukhulekela lapho enhlanganyelweni. Asinandaba uma amakhosana, abehluleli, noma ngabe kuyini, behlezi eduze lapho uMoya wehla, silapho ukukhonza uNkulunkulu, ngoba asinamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu, ngokuba Lingamandla kaNkulunkulu kube yinsindiso, iNdlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yesoni.

146 UJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Nonke lapha kade nisemihlanganweni ngaphambilini, futhi niyazi ukuthi ngiza kuphi. Manje, ngibikezela lokhu, ukuthi iBandla lisesimeni esibucayi kakhulu Elake laba kuso.

147 Lezo zigqila zaseGibhithe zazingazi, ngenkathi zime ogwini emva kokubona imvuselelo enkulu lowomprofethi owehla wayiletha kubo, futhi babesibonile isandla sikaNkulunkulu esinamandla, futhi babevikelekile futhi baphumela lapho, futhi besina eMoyeni ngemva kokuwela uLwandle oluBomvu futhi bebona izitha zabo zicwile emva kwabo, yonke imikhuba yazo, nezinto, njengoba singazibiza namhlanje, zaminza emva kwabo, izinto ezibahluphayo, noMiriyamu esina eMoyeni, noMose ehlabelela ngoMoya, kanjalonjalo, babengazi ukuthi lapho sebenezinsuku eziyishumi kuphela ukusuka ezweni lesethembiso, bazi ukuthi base beqhele ngeminyaka engamashumi amane kuzo. Ngani na? Ngoba benqaba ukulandela uNkulunkulu, babefuna umthetho esikhundleni somusa, futhi bawuthola, ukuze bazenzele eyabo uqobo indlela futhi babe nokwabo *ukuthi-nokuthi,* umuntu ubelokhu ezama ukwenza okuthile ngokwakhe, uNkulunkulu wabavumela bonke ukuba babhubhe ehlane, futhi wavusa isizukulwane esisha futhi wabayisa ezweni lesethembiso.

148 Ibandla lePentecostal lalingazi, eminyakeni engamashumi amane noma amashumi amahlanu edlule, ngenkathi nanisina kuMoya, labomama abadalla abanezinwele ezinde abagqoke izingubo ezinde, ukuthi amadodakazi abo ayoke abe yizindlovukazi zaseHollywood, njengoba bezama ukuba njalo namhlanje; babengazi, lapho amadoda obuqotho, namadoda amesabayo uNkulunkulu ayeyofela leloZwi, ame ngaphansi kwezibhamu nakho konke okunye, babizwe ngo “mgingqiki ongcwele,” baphonswa ejele, bema ekhoneni lesitaladi, babalekela ekhoneni elilodwa, babe kwelinye, beletha iVangeli, ukuze amadodana abo ayoyoke avumele into enjalo ukuba ifike, ukuletha amabandla enu endaweni efana namanye amahlelo. Manje bayazulazula, sekuyiminyaka engamashumi amane, kodwa kukhona omusha ozayo, “UNkulunkulu uzobuyisela,” kusho uNkulunkulu, umuntu mumbe ozohamba ngoMoya, alethe iqiniso, futhi akhulume iqiniso. UJoshuwa, uJehova-Msindisi, wabaholela ngaphesheya kweJordani.

149 Manje, mfowethu, dadewethu, uKristu uyaphila namuhla, Akafile, uma Efile, khona-ke inkolo yethu iyize. Wabuye wavuka, uphila kuze kube phakade, Wafa kuphela ngoba Wayengasusa isono, Kwakungu-Emanuweli.

150 Ngenkathi Enyukela entabeni, inyosi yokufa ububuza ngakuYe, azi ukuthi wayezoMtinyela, abacabanganga ukuthi Wayenguye, uSathane akakholwanga ukuthi Wayengumprofethi. Ngani, lokho kubhuqa, wamboza indwangu ebusweni baKhe, futhi wamfela ngamathe ebusweni baKhe, futhi waMshaya ekhanda ngomhlanga, futhi wathi, “Uma ungumprofethi sitshele ukuthi ushaywe ngubani.” Niyabo? “Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, phendula lawa matshe abe yizinkwa.” Niyabo? UmFarisi omdala emi lapho wathi, “Ukuba

ubengumprofethi, ubeyokwazi ukuthi hlobo luni lowesifazane obelugeza izinyawo zakhe," sengathi Wayengazi. Niyabo?

151 Lapho Ebona uSimoni futhi wabiza igama lakhe, futhi wamtshela, "Igama lakho unguSimoni, uyindodana kaJona," leyoNzalo kaNkulunkulu eyamiselwa ngaphambili ifika ekuPhileni ngokushesha kangako. Ngenkathi uFiliphu ehamba futhi wathola uNathanayeli futhi wamkhuphulela lapho, Wathi, "Bhekani umIsrayeli, impela, okungekho nkohliso kuye!"

Wathi, "Rabi, Ungaze nini na?"

Wathi, "Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi kwesihlahla, ngakwazi."

152 Wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli." Babazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sobuMesiya. Kunjalo. Leyo kwakuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yokuba baMbone.

153 LeyoNgelosi ezansi lapho eSodoma, eyafulathela itende ngamhlane waYo, futhi yabuza u-Abrahama ukuthi wayekuphi uSara, umkakhe, futhi wayesetendeni, futhi Yathi, "Ngizokuvakashela ngokwempilo," uSara wahlekela ngaphakathi, Wathi, "Uhlekeleni uSara na?" ngemuva kwaKhe, UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu," U-Abrahama weza kuzo zonke izinhlobo zezibonakaliso nezinto, kodwa ngaphambi nje komlilo nakho kufika lesosibonakaliso.

154 U-Israyeli ufika kuzo zonke izinhlobo zezibonakaliso, kodwa ngaphambi kokuba baxoshwe eBukhoneni bukaNkulunkulu, basibona lesosibonakaliso sikaMesiya. IBandla lehlile ngeLuthela, iBaptisti, iPresbyterian, kuqhubeke kwehle ngePilgrim Holiness, namaNazarene, amaPentecostal, ekukhulumeni ngezilimi, kodwa Nakhu, banakho...okuthile kufanele kwenzeke, Ufanele abe nguNkulunkulu ofanayo.

155 Anginamfundo, ngingumfowenu, kodwa nginitshela iQiniso, futhi uma nginitshela iQiniso, uNkulunkulu ufanele asekele leloQiniso, futhi uma kungesilo iQiniso, uNkulunkulu ngeke ahlanganise lutho nalo. Lokho ngukuthi...

156 Nina nonke...Sonke siyazi ukuthi iZwi leNkosi lafika kubaprofethi, abaprofethi babeyiZwi leNkosi libonakaliswa. UJesu wayengumProfethi, futhi yingalesosizathu uDuteronomi athi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa uMprofethi," futhi ngenkathi beMbona enza lokho, babengakaze babe nomprofethi amakhulu eminyaka, kodwa bazi ukuthi Lowo kwakuyi*lowo*Mprofethi.

157 Bukani lowo wesifazane osekhulile phezulu lapho, isifebe, kuJohane oNgcwele 4, lapho emi phezulu lapho ngalolosuku, noJesu waphuma, engumJuda, futhi wamcela amanzi, nengxoxo yaqhubeka isikhathi eside impela, UJesu wayezama ukuthola

lapho inkathazo yakhe yayikhona, kwathi lapho Ethola lapho inkathazo yakhe yayikhona, Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho nize lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Iqiniso, ubunamahlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho."

Bheka lowo wesifazane omncane, wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena uyi*lowo* Mprofethi."

158 Manje, uma niqaphela, iKing James ithi "*u*mprofethi," kodwa sebenzisa ukufunda kwakho amagama asemphethweni, "l*owo* Mprofethi" owayezoza. Babuza uJohane, "Ingabe uyi*lowo* Mprofethi na?" Babazi ukuthi uMesiya wayezoba ngumProfethi.

159 Wathi, "Ingabe Uyi*lowo* mProfethi owayezokuza na? Siyazi lapho uMesiya, othiwa uKristu, lapho Efika, lokho kuyoba yisibonakaliso saKhe, Uzosibonisa lezizinto, kodwa Wena unguBani na?"

UJesu wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

Mfowethu, labobaFarisi, izifundiswa eziphakeme, abehlelo, baqumba phansi, bema lapho futhi bathi, "Ngudeveli, uBelzebule, umbhuli."

160 Wathi, "Ngiyanithethelela; kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uzofika uzokwenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo." Wathi, "Hlolani imiBhalo, Yiyo efakaza ngaMi." WayeyiZwi likaNkulunkulu lenziwe inyama, Ungukubonakaliswa. "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningaNgikholwa. ImiBhalo iyafakaza ngaMi, nicabanga ukuthi kuYo ninokuPhila okuPhakade, ifakaza ngaMi." Ngamanye amazwi, "Yizona kanye iziNto ezisho ukuthi Ngiyini."

161 Manje, yona impela imiBhalo efanayo isho usuku esiphila kulo, ifakazisa ukuthi sisesikhathini sokuhlwa, futhi uNkulunkulu wenze iNdlela yokuphunyuka, gijimela kuYo ngokushesha okukhulu ongakwenza, lokho kuPhunyuka nguJesu Kristu, uMoya oNgcwele, ngaMoya munye sonke sibhaphathizwe kuLokho.

162 Futhi, unganciki kukho, ngiyakholelwa ekumemezeni, ukukhuluma ngezilimi nakho konke lokho, kodwa unganciki kulokho, ngukuPhila okukukho, nalokho kuPhila yilokho okukholwa leloZwi, akunandaba noma ukhulume ngezilimi, nanoma yini oyenzile, futhi usalokhu ungabaza leloZwi, akusiwo uMoya oNgcwele kuwe. UMoya oNgcwele waloba iZwi, noMoya oNgcwele ungephike iZwi laKhe uQobo. Niyabo? UMoya oNgcwele uzogcizelela yonke yaleyo misho ngo "Amen. Amen," impela nje, umudwa phezu komudwa, umudwa phezu komudwa, uMoya oNgcwele uyokwenza.

163 NoMoya oNgcwele wawuyiWo, owenza isithembiso. Noma yimuphi umuntu uyazi ukuthi iBhayibheli lasho ukuthi "uJesu Kristu, njengamanje, ungumPristi oMkhulu ongathintwa umuzwa wobuthakathaka bethu." Noma ubani uyazi ukuthi iBhayibheli lasho, amaHeberu 13:8, ukuthi "uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Uzofanele enze ngendlela efanayo uma EngumPristi oMkhulu ofanayo. UJesu wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza." Hlobo luni lwemisebenzi Ayenza na?

164 IBhayibheli likhombisa ngokusobala ukuthi sisosukwini lokugcina nesibonakaliso sokugcina. Ngisemncane namanje, ngineminyaka engamashumi amahlanu nantathu ubudala. Bhekani lokhu, eGameni leNkosi, awusoze wakubona okukhulu ngokwedlulele, ngiyazi ukuthi ubheke okuthile okukhulu, kodwa qaphela, uneso lakho. . . usemgudwini ongalungile khona lapho. Funda izahluko ezintathu zokuqala zeSambulo, kwakungekho okuningi kakhulu okwathenjiswa eBandleni labeZizwe. Kunjalo. Lezozinto ozifundayo, eziza laphaya kwa-Israyeli emva kokuba iBandla selihambile. Ngakho, qaphela, mfowethu, kudlula khona lapho, futhi awukwazi.

165 "Ngumuphi kubaprofethi oyihlo abangamkhandanga ngamatshe ngokuba bengalwazi usuku lwabo na? Ukuba beningazi Mina beniyolwazi usuku lwaMi." Abamazanga uJohane waze wafa, wangcwatshwa; babengamazi uJesu waze Wafa, wangcwatshwa; babengamazi uPatrick oNgcwele; Joan wase-Arc, ibandla lamaKatolika lamshisa njengomthakathi esigxotsheni, ngoba owesifazane wayenamandla ekukhulekeni futhi wabona imibono, futhi bathi wayengumbhuli, umthakathi, futhi bamshisa lowo wesifazane, ekhalela umusa. O, kusobala, nenzile ukuzisola eminyakeni engamakhulu amabili kamuva, namba leyomizimba yabapristi futhi nayiphonsa. . . kodwa kwaneqa, futhi kanikwazanga.

Ngisho nabafundi bathi, "Kungani ababhali bethi u-Eliya umelwe ukufika kuqala na?"

Wathi, "U-Eliya usefikile futhi kanikwazanga." Kukweqa ekhanda lakho futhi kawukwazi, ungakugeji, uMoya oNgcwele, uKristu, ulapha.

166 Manje, khumbula lawa mazwi amabili ngaphambi kokuba nginishiye, ukubonakala kukaKristu kanye nokuFika kukaKristu kuyizinto ezimbili ezehlukene. UKristu manje ubonakala ekugcwaleni kwamandla aKhe, UkuFika kwaKhe kuyoba ngemva kwalokho, ukubonakala kwaKhe ngaphambi kokuFika kwaKhe. UNkulunkulu abe nomusa.

167 Manje, wonke umuntu lapha akahloniphe ngokuzithoba ngempela, bengikhuluma, ngilindile, ngaze ngazi ukuthi uBukhona baKhe bebulapha. NgizoMcela, eGameni likaJesu Kristu, ukuba asithathe asiyise ezandleni zaKhe futhi

asuse ukungakholwa kwethu kithi. Thatha ukwesaba kwami, nokungabaza, nokuxakaniseka, Nkulunkulu, susa ukuxakaniseka kwaleliqembu, ukuze Usebenze imisebenzi Oyethembisile ngezinsuku zokugcina, ukuze sisuke lapha kulobubusuku, Nkulunkulu, nezinhliziyo zethu zivutha phakathi kwethu, futhi sibone ukuthi uNkulunkulu esiye samkhonza, esiya samemeza kuye, esiye samdumisa, lapha UyaZibonakalisa ephila phakathi kwethu. Siphe khona, Nkosi. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungaba njalo.

168 Manje, uma kungaba khona noma yikuphi ukungabaza enhliziyweni yanoma ubani, woza lapha futhi uthathe indawo yami, kodwa uma ngikhulume iQiniso, uNkulunkulu ubophezelekile ukusekela leloQiniso. Manje, wena ophakamise isandla sakho, ngizokucela ukuthi wenze okuthize ngomzuzu, kodwa wena owaziyo futhi okholwayo ukuthi lokhu, enginitshele khona, kuliQiniso, khona-ke khulekani nithi, "Nkosi, ake ngithinte ingubo yaKho ngokukholwa kwami kulobubusuku." Manje, uma uthinta mina, bekungeke kusize ngalutho, kungengaphezu kwabazalwane bami lapha, nanoma ubani phandle lapho; kodwa Mthinte kanye!

169 Qaphela uMoya, simazi kanjalo-ke uKristu, hhayi ngendlela Agqoke ngayo, hhayi ngendlela, njengoba ngasho, lapho Elungisa izinwele zaKhe, noma intshebe yaKhe, ngenkulumo yaKhe, ulwimi, kodwa babekwazi ukuPhila kwaKhe; uKristu ungukuPhila. "Siyazi lapho uMesiya efika Uzositshela lezizinto. Unguye izolo, namuhla, naphakade."

170 Khuleka nje, ngobuqotho, ungabi nokwethuka, uma wenza, awusoze wakubamba, vele ube lula nje. Vele uthi nje, "Nkosi . . . " Ubulula abangakunaki, bakwenza kube nzima kakhulu baze bona . . . Yingalesosizathu bageja uJesu kwasekuqaleni. Wathi, "Awu, ngabe u-Isaya wakhuluma kahle, 'Unamehlo, awukwazi ukubona; izindlebe, futhi awukwazi ukuzwa.'" Niyabo? Kukwenza uqonde nje ukuthi uKristu, iNdodana kaNkulunkulu, uyaphila.

171 Manje, khulekani. Futhi uma uNkulunkulu enza lokho iBhayibheli elithi Uyakwenza, khona-ke iqiniso liwukuthi, iBhayibheli liqinisile, kodwa uma Engakwenzi, khona-ke akusiye uNkulunkulu. Futhi siyakwazi lokho, noma ubani uyakwazi lokho, ukuthi uNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe. Awukukholwa lokho na? Ufanele agcine iZwi laKhe. Manje, khuleka nje manje futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu uzokupha. Futhi manje kwangathi Angaletha uMoya waKhe, futhi akhulume kithi, futhi aqinisekise iZwi. Manje, bhekisisani ngempela.

172 Manje, khumbulani, bangaki phakathi lapha, ngenkathi nisakhuleka buthule, osibonile isithombe saleyoNgelosi yeNkosi kulelophepha na? O, ya. Impela. Ngicabanga

ukuthi bakubonisile lapha esakhiweni. Ngakho ngisize, ngaleliBhayibheli lapha, futhi Liphezu kwenhliziyo yami, ngoSuku lokwaHlulela ngiyokwahlulelwa futhi uyokwahlulelwa uma simgeja uKristu, lokho kuKhanya okufanayo akulona unyawo lwalapho engimi khona njengamanje. Manje, Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Lokho kuKhanya kwehla futhi kwenziwa inyama, Kwabuya ekuvukeni kwangena eNkazimulweni, noPawulu, esendleleni yake ehlela eDamaseku, washaywa walahlwa phansi yiKho. Manje, uma lokho kuKhanya, lelozwe lesayense lifakazile ukuthi KuyiSidalwa esingaPhzu kwemvelo, uma lokho kungavezi ukuPhila okufanayo Okwakwenza ngenkathi Kulapha kuKristu, uma kungenzi into efanayo eBandleni laKhe, khona-ke akusikho ukuPhila okufanayo, uma Kwenza, KungukuPhila okufanayo.

173 Lapha. Ngifuna . . . Bheka lapha. Kunowesifazane omncane ohlezi khona lapha, ovele nje wagwacisa ikhanda lakhe phansi ngaleso sikhathi. Ukukholwa, ezama ukukholwa, ukhulekela amehlo akhe, amehlo akhe asesimeni esibi, ukhathazekile ngawo, ungibuka ngqo. Akayena . . . Yena u . . . uvela eNorway. Kunjalo. Ingabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo na? Awulidingi, amehlo akho azolunga manje. Ukukholwa kwakho kuthinta- . . .

Yiba nokukholwa. Manje, ngifuna nje—nje sithathe isikhathi sethu umzuzu nje.

174 Hamba uye kulelo nenekazi. Sukuma umzuzu nje, noma ngabe bekungubani owesifazane. Ubekuphi na? Niyabo, ngumbono, kufana nokuthi ngiphuphe okuthize. Ubekuphi lowo wesifazane na? Manje, ngicabanga ukuthi bekusemuva ngqo ngaphakathi . . . lapha. Ngabe lezozinto beziyiqiniso, nenekazi, okushiwo na? Phakamisa isandla sakho. Ingabe i . . . ukhuleka kanjalo, nokunuye nokunye na? Bengizokwazi kanjani ukuthi ubekhuleka ngani, nokuthi yini eyakhe . . . lokho abekukhulekela, nakho konke mayelana nakho, futhi ungubani, futhi ukuphi, futhi kwenzekeni, nokunye nokunye na? Ngizokwazi kanjani lapho owesifazane eyisihambi ngokuphelele na? Angikaze ngimbone empilweni yami, futhi siyizihambi ngokuphelele. Hamba uye kuye ngemva kwenkonzo futhi umbuze. Ngiyabonga. Wenzeni na? Lokho kuqinisekisa umBhalo, "UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu."

175 Lapha, nakhu kuza indoda, iza phambi kwami, umthambo wokuphila uza lapha, ihlezi lapha ekugcineni komugqa, ihlushwa inkathazo yeqolo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, ngaleyonkathazo yeqolo, uhlezi lapha na? Kholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Uyakholwa na? Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Mnu. Sanders, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu unguMphulukisi omkhulu na? Ngifuna ukukubuza okuthize. Bheka lapha kimi, izolo

kusihlwa ube nomuzwa oxakile kakhulu ngenkathi ubulapha emhlanganweni, kukhona okwenzekile, manje, kulobubusuku ngenkathi kubuyela kuwe futhi, manje, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, leyonkathazo isukile kuwe. Uyakholwa na?

176 Lapha, angikwazi. Siyiziha-. . . Awukuboni Lokho na? Bukani lapha, bazalwane, bukani *lapho*, khona ngqo phezu kwale ndoda *lapha*, ukuKhanya okuphuzi kwesimaragidu. Indoda iyagula, isesimweni esibi. Ukuba nokwethuka, isithi ayiquleke, nje ukuquleka, yilokho kuphela. Uyindoda elungile, unomndeni, isigejane sabantwana, cishe abantwana abahlanu. Kunjalo. Ingabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Awulidingi. Sekuphelile konke manje, iya ekhaya, wenze okokuphilisa abantwana bakho, ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

177 Uyambona lo mfana ohlezi eduze kwakho na? Ngenkathi sengikhombe ngomunwe wami laphaya, ugxumile. Uma uzokholwa, lesosifo sesikhumba sizokushiya nawe, futhi uzophila. Uyakukholwa na? Ingabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Awuludingi manje, ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

178 Awukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Babuze labobantu. Angibazi, bahlezi lapha nje emhlanganweni, kodwa banokukholwa.

179 Nanti inenekazi lihlezi lapha lingibuka ngqo, khona phezulu lapha, lihlushwa inkathazo yeqolo, futhi. Lizokholwa . . . Nkosazana Cobbles. Angikwazi. Ingabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Awulidingi, ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

180 Ngabe Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Lena indlela kaNkulunkulu, hambani kuyo. Kuyini na? UJesu Kristu ovukile. Khohlwa zonke lezi zivumokholo nezinto ozama ukubambelela kuzo, zidedele. IZwi lenziwa inyama phakathi kwethu, siyabona LiyiZwi likaNkulunkulu.

181 UyaMthanda na? Ungathanda ukuza ukunikela ngempilo yakho kuYe, njengempilo yokukhonza, ngisho nenkonzo yokunikela, ukunikela impilo yakho kuYe futhi na? Ungakwenza na? NgiseseBukhoneni baKhe, ngifuna wonke umuntu olapha, ofuna ukubusisa impilo yabo kabusha, nani nonke bantu eniphakamise isandla senu esikhashaneni esedlule, wozani nime ngapha umzuzu nje. Ngizizwa ngiholeleka ukwenza lokhu, futhi lapho ngizizwa ngiholeleka, kuhlale kuyinto efanele. Kunjalo. O, manje, nizobona okuthize kwenzeka.

Yebo, sizobuthana emfuleni,
Umfula omuhle, omuhle;
O, buthana nabangcwele emfuleni
Lowo ogeleza ngasesiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu.

Yebo, sizokwenza . . . (Sonke!) . . . emfuleni,
Umfula omuhle, omuhle;
Siyobuthana nabangcwele emfuleni

Lowo ogeleza ngasesiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu.

Singa . . . umfula,
Lapho izinyawo zeziNgelosi ezikhanyayo zinyathele khona,
Lapho . . . ? . . .

Asiphakamise izandla zethu manje.

Yebo, siyobuthana emfuleni,
Umfula omuhle, omuhle;
Siyobuthana nabangcwele emfuleni
Lowo ogeleza uvela esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu.

Asikhothamise amakhanda ethu manje. Umshayi we-ogani uzoqhubeka nalokho ngenkathi silihamisha ezinhliziyweni zethu. [UMfowethu Branham uyamisha elithi *Siyobuthana Emfuleni*—Umhl.]

. . . isifutho sayo sesiliva,

Qhubekani nje nilihamishe manje, nicabanga ukuthi niza eBukhoneni bukaMoya kaNkulunkulu olapha kanye nani.

. . . sizobuthana emfuleni,

182 Baba waseZulwini, ngenyukela phambi kwaleliqembu ezisolayo, ibandla eliphelele ngaphandle kwabantu abangaba yishumi noma abayishumi nanhlanu bame ngezinyawo, befuna ukukwazi Wena eduze, ukuhamba naWe, ukuKuthanda kakhulu. Bamile, Nkosi, becula, *Siyobuthana Emfuleni*, yebo, Nkosi, siyobuthana lapho, futhi ngeke kube kade.

183 Lapho isikhathi sesigcwalisekile, khona-ke uMoya kaNkulunkulu, Olapha khona manje, uMoya oNgcwele omkhulu uhambahamba phezu kwesakhiwo, lobobumnandi benhlanganyelo obusisondeza kuYe, usazisa ukuthi izono zethu zithethelelwe, nobubi bethu abusekho . . . Lapho sesilungele ukuvuma amaphutha ethu, uNkulunkulu uzimisele ukusithethelela.

184 Baba waseZulwini, njengoba sibona usuku oseluchithiwe kakhulu manje, futhi sibonile Wenza okuthize kulobubusuku njengoba Wenzile ngaphambi kokubethelwa kwaKho, yiyo impela leyo misebenzi Oyenzile ngaphambi kokuba Ubethelwe, futhi lapha manje siyazi ngalokhu, isithembiso seZwi, ukuthi Lathembisa ukuthi Liyokwenza futhi, siyazi ukuthi Uvukile kwabafileyo futhi Uphila kuze kube phakade. Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokugxeka nokusonteka esayenseni yezenkolo, ayikaze ikwazi ukukusonta kusuke eZwini likaNkulunkulu. Sibona uKristu efika enkundleni futhi enza yona kanye into efanayo Ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni, siyazi ngalokhu ukuthi Uyaphila, futhi siyazi ngalokhu ukuthi samukelekile, ngoba iNgelosi eza ku-Abrahama naseqenjini

elikhethiweyo, hhayi ezansi eSodoma, kodwa phezulu eqenjini elikhethiwe, lenza lolu hlobo lwesibonakaliso.

185 Futhi, sijabula kakhulu, Nkulunkulu, ukuthi Uyasazisa ukuthi siyileloBandla eliphumile futhi ahlukanisiwe, hhayi ezansi eBabiloni nhlobo, kodwa bazalwe ngokusha futhi benziwa izidalwa ezintsha kuKristu Jesu, belindele ukuFika kwaKhe. Asinandaba ngezinto zezwe, ngokuba siyizihambi nabafokazi, IFa lethu ngelaphezulu lapho uNkulunkulu ehlezi khona esiHlalweni saKhe sobukhosi.

186 Siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzothatha umuntu ngamunye ozisolayo omi lapha, futhi uma ngifumene umusa emehlweni aKho, futhi siye sashumayela iVangeli ngaphandle kokuxegisa, ngayo impela nje indlela iZwi eliLifundisa ngayo, futhi Ufakazisile ukuthi Liyiqiniso ngokusivakashela kwaKho kulobubusuku, Nkulunkulu, thethelela zonke izono, suse konke amakhaza kubantu, futhi kwangathi uMoya oNgcwele, emandleni okuvuka kwaKhe kukaKristu, azongena kuyo yonke inhliziyo futhi afudumalise lezozinhliziyo, ayigcwalise, Nkosi.

187 Khona manje makuthi enye iPentekoste iqathekele phezu kwalezizethameli. USathane uhluliwe. Kwangathi amandla kaNkulunkulu angangena ezinhliziyweni, futhi angcwelise futhi agcwalise yonke inhliziyo lapha ngamandla obuNkulunkulu kaMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkosi. Nginikela lomkhuleko kuWe, Nkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu, siphe khona, Baba. Kwangathi umusa waKho, umusa owethu, thina, ukubuthana kwethu kulobubusuku nezibusiso zethu kanye naWe, Nkosi, ezindaweni zaseZulwini. Siphe khona, eGameni likaJesu.

188 Bonke abakholwayo manje, ngenhliziyo yakho yonke, ukuthi uNkulunkulu uyakuthethelela, futhi uyethembisa ukuthi, ngomusa kaNkulunkulu, eBukhoneni baleNgelosi, uMoya oNgcwele, olapha manje, uyathembisa, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, uzoMphilela, uzokhuleka kakhulu, uzonikela, uzozila ukudla, uzokwenza konke okusemandleni akho, ngomusa kaNkulunkulu, ukuMphilela, phakamisa izandla zakho futhi uMdumise. Manje, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi, ngokunginika lokhu kukholwa ukuba ngikukholwe." UNkulunkulu akubusise. Amen.

